# *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni*

Ngiyabonga, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle kakhulu.

2 Noma ubani ongakwazanga ukushumayela ngemva kwalokho ubengeke abizwe ngomshumayeli, bebengabizwa na? Kuyamangalisa, kuhle, kwenziwe kahle. Impela ngiyakuthakasela lokho kumfowethu othandekayo. Bengibuza nje ngaye, ukuthi ubeseduze kangakanani emhlanganweni olandelayo, kodwa ngicabanga ukuthi uvela, angizange ngikuthole kahle nje, uvela kwesinye isifundazwe noma okuthize. Kodwa lokho kuhle ngempela. Sibonga kakhulu ngokuthi uNkulunkulu unikeze lo mfowethu lelithalente elithandekayo ukuba acule izindumiso zaKhe. Uyazi, ku—konke kuhamba kwakhe iVangeli. Ngangishumayela ngoluny'usuku, ezansi eStates lapho, ngokuthi *Izindlela Ezine Zokubona UNkulunkulu*. Uyazi, futhi kunezinkulungwane zezindlela zokubona uNkulunkulu uma nje sizoqalaza. U—Ukhona yonke indawo.

3 Manje, siyaxolisa ukuthi sinigcine kwaze kwadlula isikhathi kakhulu izolo ebusuku, ngenkathi ubushisa kakhulu phakathi lapha. Abanye babangani okanye nami uthe, "Whewu!" Bebeziphephetha nje. Ngakho ngi. . .Khona-ke othile wathi, "Lokho akuwakhathazi amaNdiya nokho," wathi, "bahlala khona lapho ubusuku bonke, bafakaze ubusuku bonke." Ngakho—ngakho ngiyabonga. Mhlawumbe lapho sengihamba, uvele usukume uqale ukufakaza, ukhulume ngalokho iNkosi ekwenzele khona.

4 Bangaki kini abake bezwa ngoTommy Osborn na? Ungumngane wami oligugu kakhulu, futhi uya ezweni elidala kakhulu, ngale ngaphesheya kwezilwandle, isithunywa senkolo. Futhi wathi. . .Ngesinye isikhathi ngangiya e. . . Ngangisendleleni eya eNingizimu Afrika, futhi weza emhlanganweni. Futhi—futhi ngenkathi ngiphuma esiteji e—eDolobheni laseNew York, leyo ndawo lapho benza khona konke lokho kubambana ngezandla, inkundla enkulu lapho, nendawo yayigcwele phama futhi iminyene, futhi ngangiphuma nginqamula esiteji, noTommy weza ngqo wangibamba ngasokhalweni wase eqala ukungisingatha. Futhi ngathi, "Tommy, wenzani phezulu le lapha na?"

5 Wathi, "Ukukuvalelisa nje bese ngicela izibusiso zikaNkulunkulu kuwe ngenkathi usaye phesheya

kwezilwandle." Ungomunye wabami abaphendukela kuKristu, enkonzweni yokuphulukisa. Futhi wathi . . .

Futhi ngathi, "Ngicabanga ukuthi ukhandlekile, Tommy. Ubushumayela kakhulu."

6 Wathi, "Qhabo," wathi, "Anginakho ukwahlukanisa futhi ngifanele ngikhandleke." Wathi, "Uyazi ukuthi ngenzani na? Ngivele ngime lapho imizuzu eyishumi nanhlanu futhi ngibophe udeveli ngefindo neZwi," wathi, "akakwazi ukuphuma kulo. Bese-ke ngibavumela ukuba bakhulekelane, bese-ke ngizitholela isitulo bese ngihlala phansi, ngibalalele befakaza kuze kube semini," washo. Wathi, "Omunye uzosukuma futhi afakaze futhi asho lokho uNkulunkulu amenzela khona, futhi wathi lokho kwenza omunye akholwe, futhi uyasukuma futhi afakaze, futhi lapho esafakaza omunye uyasukuma." Futhi wathi, "Ngivele ngihlale lapho, futhi ngishaye izandla zami, futhi ngibe nesikhathi esimnandi." O, he.

7 Kuyamangalisa ukubona ukuthi uNkulunkulu unezinkonzo zaKhe ezehlukene kanjani, niyabo, ukuthi Ukwenza kanjani. Lo mfowethu othandekayo, lapha, ecula, leyo yinkonzo yamaculo. Nabanye banenkonzo. Niyabo, uNkulunkulu ubeke eBandleni iziphiwo ezinqunyelwe ngaphambili, esinye sazo singukuthi, kuqala ngababaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli.

8 Manje, abaphostoli empeleni yikho ebesingakubiza namhlanje, sibanikeza igama elisha, izithunywa zenkolo. Isithunywa senkolo umphostoli. Manje, igama elithi *isithunywa senkolo* lisho "othunyiweyo," futhi *umphostoli* lisho "othunyiweyo," into efanayo. Kodwa ukuthi bake bafuna kanjani ukubizwa ngabaphostoli, noma, izithunywa zenkolo esikhundleni sabaphostoli, angazi. Kodwa isithunywa senkolo sifanele sibe nobizo lukaNkulunkulu futhi sithunyelwe nguNkulunkulu, "othunyiwe."

9 Umprofethi ungumboni obona izinhliziyo zabantu futhi abikezele izinto ezizokwenzeka. Futhi—futhi manje, kukhona isiphiwo sokuprofetha, esisebandleni namalungu endawo, siwela phezu kwanoma yimuphi wabo. Banikeza isiprofetho, khona-ke singemukelwe ebandleni kuze kube sesehlulelwe ngofakazi ababili noma abathathu, bese kuthi-ke, bafanele babeke uphawu lwabo kulokho, ukusho ukuthi kungokukaNkulunkulu, khona-ke bafanele babhekisise ukubona ukuthi kuyenzeka yini. Khona-ke singase singaphinde siwele kulowo mfowethu noma udade. Kungase kube komunye ngokulandelayo . . . Leso yisiphiwo sokuprofetha.

10 Kodwa umprofethi, m-p-r-o-p-h-e-t-h-i, uzalwa engumprofethi, njalo kusukela . . . wagcotshwa lokho ngaphambi kokuba izwe like liqale. Niyabo? Manje, thatha njengoJesu Kristu, iNkosi yabaprofethi, Wayekhona,

ensimini yase-Edene, iNzalo yowesifazane, umProfethi. NoMose wazalwa engumntwana ofanelekile, umprofethi. UJohane umBhaphathizi, ngani, u-Isaya wambona iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, futhi wathi u "yizwi lomemeza ehlane," iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe. UJeremiya, uNkulunkulu wathi engakabunjwa ngisho nasesizalweni sikanina ukuthi Wamazi, futhi wamngcwelisa, wammisa waba umprofethi ezizweni. Niyabo?

11 Abaprofethi baneZwi likaNkulunkulu, futhi bazalwa bengumprofethi. Isiphiwo sokuprofetha sihlukile, leso yisiphiwo leso...manje, ziyisishiyagalolunye...kuneziphiwo ezinhlanu ezimisiwe eBandleni: abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli. Manje, lezo yiziphiwo ezinhlanu uNkulunkulu azibeka eBandleni ngokwazi kwaKhe ngaphambili.

12 Bese-ke kuba khona iziphiwo eziyisishiyagalolunye ezikhona ngaphakathi eBandleni: ukukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, neziphiwo zokuhlakanipha, nolwazi, ne—nesiprofetho, nokunye nokunye. Lezo yiziphiwo zomoya eziyisishiyagalolunye ezisebenza ngeBandla, kodwa-ke kukhona eziyisishiyagalolunye...iziphiwo ezinhlanu zehhovisi uNkulunkulu azibeka eBandleni. Futhi, o, sithanda kanjani ukuzibona zonke zisebenza e...Esinye sazo ngumelusi, umfundisi, nalezozinto. Bese-ke ezinye ziza ngokuqinisekisa. Iziphiwo ezokukhulisa. Futhi uNkulunkulu unaso nje ngisho i—isiwula asizukuthethelelwa, sizokwenza na? Uzokwenza... Kulula kakhulu indlela uNkulunkulu akwenze ngayo. Futhi ngiyakuthanda lokho.

13 Lapho uba lula kakhulu, uyoba mkhulu phambi kukaNkulunkulu. Kunjalo. Ungalinge uzame ukuziphakamisa, lapho wenza, uzehlisela phansi. Niyabo? "Oziphakamisayo uyothotshiswa."

14 Kungekudala ngangi...(Ngabe kukhona okungalungile engikwenzayo lapha, Mfowethu na? O, ngiyabonga, Mfowethu. Kulungile. Lokho kungcono.) Ngiyabonga. Cishe bengingazwakali kahle, emuva lapho.

15 Kade kukhona...Muva nje bengise...Abantu babengithumelele incwadi, woza emhlanganweni omkhulu edolobheni elikhulu e-United States, eChicago, embuthwaneni wePentecostal. Awu, a—a—angikwazanga ukuhamba empeleni, kodwa angizange ngiphendule incwadi, nendoda eyayiphethe yangithumela igama, "Ungezi."

Awu, ngacabanga, "Awu, lokho kulungile."

16 Ngakho-ke bathola umfundisi othile omkhulu owayenegama elikhulu, futhi he, ukuthi wayenguthisha omkhulu

wesikole seBhayibheli. Futhi ngenkathi indoda ikhuphuka ngalobobusuku, yayinencwadi enkulu kakhulu, yayinamakhasi, futhi yanikeza leyo nkulumo yobuhlakani lapho iyifunda emakhasini, futhi yayibuyisela emuva, inkulumo enhle kakhulu enobuhlakani. Niyabo?

17 Kodwa abangcwele bakaNkulunkulu bavele bahlala bathula, kwakungadluli, wayekwazi. Lapho isukuma, isifuba sakhukhumala, ukhololo ophendukezelwe, niyazi, nakho konke lokhu *okumelwe kwenziwe*. Futhi yathola ukuthi lokho akuhambanga nabantu bakaNkulunkulu. Futhi ngenkathi—ngenkathi ibonile ukuthi ayihambanga, ngakho yavele yazivala izincwadi zayo yase ibuyela phansi ibhekise ikhanda phansi, ihamba ngokuzithoba ngempela.

18 Kwakukhona ongcwele omdala owayehlezi emuva ekhoneni, wamngqubuza omunye, wayesethi, "Ukube yenyuke ngendlela ehle ngayo, ngabe yehla ngendlela ekhuphuke ngayo." Lokho kuthi akube njalo. Sizithobe phambi kweNkosi. Yileyo ndlela yokwenza.

19 Futhi ngangicabanga nje, ngenkathi bengihlezi phandle lapho, ngashayela nganyuka futhi ngilalele uMfowethu Borders eqeda umlayezo wakhe, ngangicabanga ngo...abazalwane bami abangamaNdiya. Ngethemba ukuthi lokhu kulungile. Ngiyakhumbula ePhoenix, e-Arizona, saba ne—i—itende lesekisi, futhi nganginomhlangano lapho. Futhi kwakukhona u—umNdiya owangena ephuma...Ngicabanga ukuthi wayengu—umNavajo, futhi wangena, umNavajo ojwayelekile impela, niyazi, ebophe amabhande aluhlaza sasibhakabhaka ekhanda lakhe, futhi egqoke iyembe elibomvu. Futhi akazange ahlale phansi esihlalweni, wavele wahlala phansi ngqo kwiphansi. Niyabo?

20 Futhi ngakho mina...UBilly wayekade enikezela lawomakhadi omkhuleko, futhi ehla, ewaxuba futhi ewanika abantu. Futhi lapho eyokwenza...Abantu beza emsamo bephethwe izinyo, nomunye wayene, mhlawumbe, ubeyoba, niyazi, ubuhlungu besisu noma *okuthize okunye*, okunye okuncane, into ethize encane.

21 Futhi ngathi kuBilly, ngathi, "Ndodana, yeka ukubanikeza amakhadi kulabo bantu abangenalutho kodwa nje ubuhlungu bamazinyo, lapho kunabantu abahlezi lapho abanomdlavuza, befa, bafanele bangene emsamo. Buza abantu ukuthi yini engalungile ngabo bese ubanikeza ikhadi lomkhuleko. Umuntu othile...Thola okuthize phezulu lapho okufayo, ngoba banobunye ubusuku obubodwa nje, futhi sifanele sivale, futhi kukhona cishe abantu abayizinkulungwane ezinhlanu lapho abazokhulekelwa, futhi ba—bayagula ngempela."

22 Ngakho uBilly wasukuma waqhubeka, imayikhrofoni, wathi, "Ubabayi uvele wathi nikezela lamakhadi kubantu

obegula ngempela." Wathi, "Manje, ngenkathi ngiwanikezela kini, ngitshele ukuthi yini engalungile ngawe futhi ngizokunika ikhadi." Futhi wathi, "Abantu nje abaphethwe amazinyo, nokunye nokunye, nezinto ezinjalo, okuncane . . . ukuphathwa ikhanda okuncane . . . " Isizathu lokho kuyinkinga enkulu kubo, kodwa akuyona inkinga njengokufa komuntu, nenkathazo yenhliziyo, noma—noma into ethize embi ngempela.

23 Ngakho ngizombiza nge "Nduna." Wayehlezi ekhoneni othulini kwiphansi, futhi wahamba wakhuphukela kuBilly, wambambatha emhlane, welula isandla sakhe.

UBilly wathi, "Nduna, yini engalungile?" Wathi, "Ubabayi ungitshelile ukuthi ngibuze ukuthi yini ebingalungile ngabantu."

Wathi, "Mina gula."

Wathi, "Ugula kanjani, Nduna?"

Wathi, "Mina gula."

UBilly wathi, "Awu, a—angazi ukuthi ngenzenjani." Wathi, "Kulungile, hlala phansi, ngizofika kuwe emizuzwini embalwa."

24 Wambheka, lawomehlo amancane ebheka. Ngenkathi lesosigejane samakhadi sehla kakhulu, wenyuka futhi wamqhweba futhi, wayesethi, "Mina gula."

25 Futhi ngakho uBilly wathi, "Nduna," wathi, "kuzomele ungitshele ukuthi yini engalungile ngawe. Ubabayi uthe manginikezele lamakhadi kubantu abebegula ngempela. Yini engalungile ngawe na? Ugula kanjani na?"

Wathi, "Mina gula."

UBilly wathi, "Kulungile, Nduna, thatha lokhu bese ubhale kukho 'Mina gula.'" Niyabo?

26 Ngakho kwenzeka ukuthi, wangena emgqeni womkhuleko ngobusuku obulandelayo, ngobusuku obulandelayo. Ngakho wenyukela lapho, kusobala iNkosi yaqala ukukhuluma, isho ukuthi yini eyayingalungile nokuthi yini, kanjalonjalo.

Futhi ngakho ngathi, "Nduna?"

"Ya?"

27 Ngathi, "Uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphulukisa na?" Wangibuka. Futhi ngibonile ukuthi akakutholanga kahle kakhulu. Niyabo? Ngathi, "Uyakholwa ukuthi iNkosi izokuphulukisa na?"

Wathi, "Kunjalo."

Futhi ngathi, "Ingabe uzoba umfana olungile ngemva kwalokho na?"

Wathi, "Lokho kunjalo." Futhi konke engakusho kuye, wathi, "Lokho kunjalo."

28 Ngathola ukuthi, kwakunamagama amabili kuphela ayengawasho, wayesewufundile lawo “Mina gula” no “Lokho kunjalo.” Ngahlangana naye cishe, o, ezinyangeni eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili kamuva ezansi lapho, ngathi, “Nango lowo mfowethu ongumNdiya.” Ngaya ngale kuye. Ngathi, “Unjani, Mfo?” kanjalo.

Wathi, “Lokho kunjalo.”

29 Omunye, isithunywa senkolo phandle lapho sathi waphulukiswa. Niyabo? Waphulukiswa. Futhi yilokho kuphela ayekwazi, “Lokho kunjalo.” Ngakho. . . Yilokho kuphela okumele ukwazi, “Lokho kunjalo.” Ngakho sibonga kakhulu ngalokho kukholwa okulula. Into kuphela ofanele uyazi ukuthi, “Kunjalo,” lapho sikhuluma ngeBhayibheli. Kunjalo.

30 UmShayina ngesinye isikhathi, kungahle kube namaShayina lapha kulobubusuku, wathi, “Nina baseMelika anifundi kahle.” Wathi, “Nonke nifunda kulo lonke ikhasi *kanje*.” Futhi wathi, “Ngizokufundela uJohane 3:16.” Wathi, “Wena uthi, ‘UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, yilowo nalowo okholwa yiYo, angabhubhi. . .’” Wathi, “Wena uthi, ‘Qha, qha, qha.’” Futhi wathi, “Thina maShayina, sifunda phezulu naphansi kwekhasi, ‘UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa. . .’” Lokhu kunjalo. Lokho kunjalo.

31 Ukuhambahamba, uhlangana nabantu abahlukene ezizweni ezahlukene, kuyamangalisa, kodwa ukuthola ukuthi bonke abantwana bakaNkulunkulu bangabantu abamangalisayo. Akunandaba ukuthi yiluphi ulimi, ukuthi bayini, bonke bangabantwana bakaNkulunkulu, futhi banomoya omuhle kakhulu, futhi ngi—ngiyabathanda bonke. AbaseNorway, amaSwidi, namaFini, naseFinland, kulapho umfana omncane avuswa khona kwabafileyo. Cishe nifunde indaba lapho. Futhi lezo yizikhathi ezinhlanu ezilandelanayo, ngokuhlola kodokotela, ukuthi abantu abahlanu, sebefile, kungomusa kaNkulunkulu, ngombono, wabiza ukuphila kwabo kwabuyela kubo futhi. Futhi lokho izitatimende ezisayiniwe zodokotela. Niyabo?

32 Nikufundile lokho kuyiChristian Business Men kungekudala ngengane encane yaseMexico na? Manje, lokho. . . Niyabo, ngaphambi kokufaka noma yini ekushicilelweni kungcono ukwazi ukukufakazela. Niyabo? Ungakusho, lokho kulungile, ngoba ungakuphika, kodwa lapho ukushicilelile, kungcono ube nakho kuyikho. Futhi ngakho lengane encane yaseMexico, udokotela wasayina ukuthi yayifile ngalokho kusa ezansi eMexico lapho. Kwakukhona izinkulungwane. . . Awu, ukubizela e-altare okukodwa kwaveza abantu

abayizinkulungwane ezingamashumi amabili ngesikhathi esisodwa. Nalengane encane yaseMexico. . .

33 Manje, bonke babengamaKatolika, futhi babe. . .O, kuyinto enjalo. . .Nje. . .Bafika lapho ngehora lesishiyagalolunye ekuseni, futhi balinde ngize ngifike lapho ngehora lesishiyagalolunye ngalobobusuku, belindile ukuba, ngize. Futhi ngiza emsamo. Izulu belina usuku lonke, liyithela, futhi bema khona lapho, kuleyomvula impela.

34 Ngobusuku bangaphambi kwalokho kwakukhona umfowethu omdala waseMexico, weza enqamula emsamo, engazifakile izicathulo, ibhulukwe lidlavazekile lonke, isigqoko esidala esithungwe ngentambo eyintanjana. Futhi wayeza enqamula emsamo, ethuthumela, *kanjalo*, futhi wafaka isandla ekhukhwini lakhe wase ekhipha i. . .obunye ubuhlalu ukusho u "Yethi Mariya," futhi ngathi, "Lokho akudingekile." Umhumushi, uMfowethu Espinoza. . .Abanye benu abantu be-Assembly of God bangamazi u-Espinoza. Ukanye ne. . . Futhi ngakho wayengumhumushi wami. Futhi yena. . .Ngathi, "Lokho akudingekile."

35 Ngakho wakhuphuka weza, futhi ngabheka, futhi ngangilapho, ngimi lapho ngifake ipheya lezicathulo ezinhle, isudi enhle omunye anginika yona. Futhi lapho lowo mfowethu omdala ompofu wayelapho, wayengenazo izicathulo, wayengenasudi, ibhantshi lakhe lalimanikiniki, engenalo nhlobo ihembe, enothuli. Mhlasimbe, umfo omdala wayengakaze abe nokudla okumnandi empilweni yakhe, futhi ngisanda kudla ukudla okumnandi.

36 Futhi khumbulani, u—ungumuntu uKristu amfelayo, ofana nami, noma omunye umuntu, unokufanayo nje njengoba nginakho. Mhlasimbe isigejane sezinganyana ezincane ekhaya, noma mhlawumbe abafo abasebasha khona-ke, ngoba wayengaba neminyaka engaba ngekababa wami, futhi wayephuphutheke ngokuphelele lapho.

37 Futhi ngabeka unyawo lwami ohlangothini lwakhe, ibandla alikwazanga ukukubona. O, umsamo wawucishe ube mude nje njengalesi sakhiwo singaphesheya, ngase ngibeka isicathulo sami eceleni konyawo lwakhe ukubona ukuthi sizomlingana yini, ngangiyomnika izicathulo zami, futhi ngacabanga ukuthi, kodwa izinyawo zakhe zazizikhudlwana kakhulu.

38 Ngabe sengilinganisa amahlombe ami emahlombeni akhe, ibhantshi lami lalingeke limlingane. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, nakho-ke." Futhi ngabona izinwele zakhe ezimpunga zilengela phansi, amehlo akhe emhlophe, ngacabanga, "Ukube kuphela bengingamsiza ngandlela thize." Ufanele uzwele abantu, noma ungeke usize ngalutho lapho ubakhulekela, ufanele—ufanele ubazwele. Ngacabanga, "Ukube

ubabayi ubesaphila na? Wayengaba ngakuleyo minyaka, mhlawumbe ungubabayi womunye umuntu."

39 Futhi ngacabanga, "Bese kuthi-ke, cabanga nje ukuthi uSathane ube mubi kakhulu kuye. Imvelo imfake esimweni akuso, mhlasimbe, kulokhu kushaywa indlala, futhi lapha akanakho ngisho nokubona ukubona ukuba ahambahambe."

40 Ngase ngigaxa umfo omdala, ngase ngithi, "Baba waseZulwini, ngiyalikhulekela lelikhehla elithandekayo." Ngambuka, kumi qekelele lapha embonweni, phambi kwami, wayengakwazi . . . engibuka ngqo. O he, akukho lutho oluzomisa lokho lapho lowombono ufika. Yebo, mnumzane.

41 Ngibonile ukuthi wayengabona, ngavele ngamsusa kimi *kanjalo*, futhi wampongoloza, "UGloria a Dios!" Lokhu kusho ukuthi "Udumo kuNkulunkulu." Lapho wayengabona kahle ngangokunokwenzeka. Futhi ngobusuku obulandelayo kwakukhona inqwaba yamatshali amadala nezigqoko lokho kwakucishe kube amafidi amathathu ukuphakama futhi cishe—cishe amayadi ayishumi nanhlanu, angamashumi amabili ubude. Bake bazi kanjani ukuthi kwakungokukabani, angazi, kwavele kwanqatshelaniswa ndawonye ukuba kukhulekelwe.

42 Lapho ngifika emsamo, uBilly, indodana yami, wathi kimi . . . Sasisanda kuqala ukushumayela. Umfowethu Espinoza . . . Ngahamba ngenyuka . . . Ngi . . . Sibe nobusuku obuthathu nje kuphela, sonke sasingaba lapho. Futhi ngathi, "Manje, ngizokhuluma kulobubusuku, njengoba ngenzile izolo kusihlwa, nginitshela nonke lokho uJesu ayeyikho, futhi niMbonile lapha ephuma edabula ebandleni, niMbonile ebuyisela ukubona empumputheni. Bukani, kulele lapho, inqwaba engaka yezinduku zokuqhukela ezindala, nezihlalo, nezinto abantu abahlezi kuzo."

43 Ngathi, "Kuyakhombisa ukuthi ukukholwa kwabo eNkosini evukileyo kwenze lokhu." Futhi ngathi, "'Manje, ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.'"

44 Futhi uBilly uza kimi, wathi, "Babayi, nginabangenisi abacishe babe amakhulu amathathu ngaku*lolu*hlangothi," futhi wathi, "abakwazi ukubamba owesifazane omncane." Futhi wathi, "Cishe u*phakeme kangako*, owesifazane osemusha," wathi, "unengane efile, futhi kade emi kuleyomvula phandle lapho." Futhi wathi, "UMañana akakaze amnike . . . "

45 UMañana, igama *mañana* lisho "kusasa," futhi wayenensa kakhulu ngaze ngambiza "kusasa." Niyabo? Wayefanele angilandele, bathi ngelesihlanu nqo, bese ufika lapho cishe ihora ligamenxe elesishiyagalombili noma elesishiyagalolunye. Niyabo? Futhi ngambiza ngoMañana.

46 Wathi . . . Wayekhipha amakhadi omkhuleko, uBilly wayefanele nje abheke ukuthi akawathengisanga. Niyabo?

Yilokho esifanele sikubheke, hhayi...Umuntu okhipha amakhadi omkhuleko unomsebenzi obophezelekile, futhi yingakho nginendodana yami uqobo iwakhipha, ngoba abantu...kungaba yinto ethize embi eyenziwe. Futhi ngakhoke, wavele wambheka, futhi wakhipha amakhadi omkhuleko.

47 Futhi wathi, "Ukhiphe wonke amakhadi omkhuleko, futhi lona wesifazane omncane akalitholanga." Futhi wathi, "Labobantu kade bemile..." Njengoba wawungabona eduze kwaleso siyingi senkunzi enkulu lapho, ene-...kade emile lapho usuku lonke, kusukela ngehora lesishiyagalolunye, noma, elesishiyagalombili, noma ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, ngenkathi bevula amasango, futhi lokhu kwakucishe kube ukugamanxa kwehora lesishiyagalolunye ngalobobusuku, mhlawumbe ikota ukuba kushaye eleshumi.

48 Futhi wathi, "Nalowo wesifazane omncane ugibele wadlula kulabo bangenisi, unengane efile isongwe ngengubo yokulala, ufuna wena ukuthi uyikhulekele." Futhi wathi, "Ugibela phezu kwamahlombe abo, agijime phakathi kwemilenze yabo." Futhi wathi, "Sifanele nje sibuyele lapho futhi simkhahlele asuke emsamo," uyabo, ngoba ngeke ngikwazi ukumvumela phezulu lapha ngaphandle kwekhadi lomkhuleko, ngoba kuzodala isiyaluyalu, uyabo, ngoba labobantu bema lapho isikhathi eside kangako belindele ikhadi lomkhuleko.

49 NoMfowethu Jack Moore, abaningi benu nonke bangahle bamazi, waseShreveport, eLouisiana, abanye benu bangahle ukuba bazwile ngaye, uyindoda enhle kakhulu, wayesemsamo kanye nami, ngathi, "Mfowethu Moore, lowo wesifazane ubengeke angazi. Hamba uye ngale ukhulekele ingane, noma ngabe ikuphi laphaya, futhi akasoze awazi umehluko."

Wathi, "Kulungile, Mfowethu Branham."

50 Wasuka wahamba, futhi ngathi, "Manje, Mfowethu Espinoza, humusha." Ngathi, "Njengoba bengisho, 'Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, i...'" Futhi ngabuka, futhi khona lapha, phambi kwami, kwakuyingane encane yaseMexico ihlezi lapho. Yayinobuso obuncane obunsundu, futhi yayingihleka, yayingenamazinyo, izinsini zayo nje zibonakala, khona lapha phambi kwami.

51 Ngacabanga, "Angazi noma ngabe yileyo ngane." Futhi ngama, ngathi, "Ungahumushi." Ngathi, "Mfowethu Moore, awume kancane." Ngathi, "Billy, yenza indlela futhi ulethe lowo wesifazane phezulu lapha, emsamo."

52 Futhi ngakho bakhuphula owesifazane omncane, wayesekhuphuka, waguqa ngamadolo, waqala ukumpongoloza, "Padre! Padre!" Kusho ukuthi "baba," wayengumKatolika, niyabo, "Padre! Padre!"

53 Ngase ngimbamba ngesandla, ngathi, "Sukuma, sukuma." Wase ekhipha ingane yakhe encane—encane egongobele, ethi

ayibe yinde *kangaka*, ngaphansi kwengubo yokulala, imanzi te nje. O, laliyidliva nje usuku lonke, futhi yayimanzi te. Futhi ngathi, "Uyasazi isiNgisi na?"

Futhi wayelokhu ethi nje, "Padre! Padre!" Futhi uMfowethu Espinoza wamtshela ukuthi athule.

54 Futhi ngakho ngabeka isandla sami phezulu, ingubo yokulala endadlana *kanjalo*, leyonto eqinile, ebandayo, isimo. Ngathi, "Baba waseZulwini, angifuni...Ngiyazi Awudingi Ukuphulukisa ukuze Uzifakazise, Uyaphulukisa ukuze ugcwalise iZwi laKho." Ngathi, "Siyazi sonke ukuthi Wena unguNkulunkulu, kodwa emzuzwaneni owedlule nje umbono wafika phambi kwami, njengoba Wazi, ingane encane. Bekuyilengane yini, Baba? Uma bekungesiyo..."

Ngaleso sikhathi, yathi "Wa, wa," iqala ukukhahlela izinyawo zayo ezincane kanjalo, futhi lapho yayiphila. Bese kuthi-ke...

55 Ngakho ngathi kuMfowethu Espinoza, ngathi...Futhi wavele waqala ukudazuluka futhi wawela emuva *kanjalo*. Futhi—futhi ngasho kanjalo...Inenekazi elihle elincane, into encane nje, cishe eminyakeni yalo engamashumi amabili, mhlasimbe ingane yalo yokuqala.

56 Futhi ngakho ngathi, "Mfowethu Espinoza, manje, ungasho lutho ngalokho manje. Uyabo? Ngoba, into yokuqala, beka umgijimi nengane, futhi uthole e...Makuthi udokotela wakhe asayine isitatimende. Niyabo? Ngoba asifuni lutho lokho..." Ku—kufanele kube yiqiniso. Niyabo? Awufuni lutho...Umuntu othile ufunda noma yini, wena ufuna kube yiqiniso, akufanele kube yinto ethize engalungile, ngoba lokho bekungeke kube ngokulungile phambi kukaNkulunkulu.

57 Futhi ngakho, kwahamba, nodokotela wasayina isitatimende sokuthi ingane yabulawa yinyumoniya, ngalokho kusa, ngehora lesishiyagalolunye nqo ehhovisi lakhe. Futhi lokho kwakungehora leshumi, cishe ngehora leshumi nqo ngalobobusuku, yayifile sonke leso sikhathi, futhi ihlala eMexico namhlanje, inempilo futhi ijabule, niyabo, ngoba uKristu uyaphila, uKristu uyaphila. Futhi kubizani na? Ukukholwa okulula.

58 Ngithe kumelusi wenu, uMfowethu Eddie Byskal, ngithe kuye kulobubusuku, noma, kulentambama ngenkathi ngikhuluma naye, ngathi, "Kubi kakhulu ukuthi asibanga nawo amaviki ayisithupha agcwele," kade sikhuphuka ogwini, "ukuba khona phakathi lapha phakathi kwabantu."

59 Wathi, "Mfowethu Branham," wathi, "leyo akuyona ingxenye yesithathu yamaNdiya," wathi, "bangabadobi abahwebayo, futhi bonke bangaphandle kulezi ziqhingi naphandle kuphumele lapho."

60 Ngathi, "O, he. Ngingathanda kanjani ukungena esikebheni esincane futhi ngisuke esiqhingini ngesiqhingi phakathi kwabo." Akusikho lokho kuphela, kodwa ngiqaphelile izolo ebusuku, emhlanganweni, abanye benu maSwidi, nabaseNorway, namaJalimane ehlezi emuva lapho, abaseCanada, ukukholwa okumangalisayo. UNkulunkulu anibusise. Ningabantu abahle bakhulu. SinoMsindisi omkhulu osithandayo sonke.

61 Futhi ngi—ngilapha . . . Bengingeke nginiphulukise, ukuba benginganiphulukisa, bengizokwenza, niyabo, niyazi bengiyokwenza lokho. Uma bengingathatha . . . Uma ukuniphulukisa, uma bengingathatha i—ikota, amasenti angamashumi amabili nanhlanu, futhi ngiwabeke phansi, futhi ngiwaphushe phezulu naphansi nalesi sitaladi, usuku lonke gulukunqu, ngekhala lami, bese-ke ngikubona uphulukiswa, ngiyokwenza. Manje, uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami, *nali* iBhayibheli, futhi lokho kunjalo, ngingakwenza. Kodwa lokho bekungeke kusize ngalutho. Niyabo? Kodwa i . . . Futhi manje uma umuntu othile eke weza futhi athi, "Ngingakuphulukisa," ungakukholwa lokho, niyabo, ngoba ngisho nemithi ayiphulukisi. UNkulunkulu nguyena kuphela uMphulukisi okhona, "NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho ophulukisa zonke izifo zakho."

62 Lapho lo mncane waseCanada, uDonny Morton, niyifundile indaba kuyi *Reader's Digest*, lapho bamehlisela ezansi le lapho, ethukuthele kakhulu futhi edwetshiwe kwaze kwaba uJohns Hopkins, iMayo Brothers, nabo bonke, bamenqaba. Futhi wehlela eCosta Mesa, futhi wayesemhlanganweni, noMoya oNgcwele wakhuluma. I*Reader's Digest* yabhala, yathi, "U," yathi, "Umvangeli akambuzanga umfana, watshela umfana ukuthi wayengubani, wamtshela ayekwenzile, nokuthi uvelaphi, nokuthi kuthiwani ngakho, futhi waphulukiswa," niyabo.

63 Ngase-ke ngibizelwa kwaMayo Brothers, ingxoxiswano yalokho, futhi bathi . . . Ngathi, "Awu, ngi . . . " Abakaze balifake igama lakwaMayo Brothers lapho, kodwa bona . . . lapho babene*Reader's Digest*, futhi kwakungubaba owayekushilo, kodwa ngokusobala umlobi wayengeke asho lokho mayelana ne—isibhedlela, nokuthi sathini.

64 Eziningi ezinkulu . . . Uma ufunda udaba, kwathi imitholampilo eminingi emikhulu eMelika naseCanada yayimenqabile, futhi isifo sokukhonkobala, edwetshiwe, igama kwakunguDonny Morton, i*Reader's Digest* ka-Okthoba, cishe eminyakeni emine edlule. Futhi khona-ke, wathi lokhu okuncane iba- . . . lomfanyana cishe oneminyaka eyisishiyagalombili ubudala . . .

65 O, yindaba edabukisayo, ukuthi lomfowethu omncane waseCanada wehla kanjani ngesihlibhi. Wathi wayazi amanye amantombazane ayizithulu nezimungulu alethwa

emhlanganweni wami ngaphambi kwalokho, futhi iNkosi yaphulukisa eyodwa. Futhi enye yawo ingumculi ebandleni, nenye ingumlawuli wezincingo. Ngakho omabili ayeyizithulu nezimungulu.

66 Ngakho wathi, “Asibhaxabulwa, Donny. Masihambe futhi. . .” Uyasho. . .Futhi umama nabo babecabanga ukuthi mhlawumbe bangathatha amadola angamashumi amahlanu, futhi bonke beza e-United States, futhi bathathe uDonny bamyise emhlanganweni, nakho konke okunye. Bekungeke kukhokhe ngisho enye yezindlela zabo endizeni. Bekumele beze ngebhasi, bengakwazi ngisho nokuza ngesitimela, futhi kwathi sebefika lapho, kwadingeka bathathe iTravelers Aid ukuze baphumele lapho, lapho umhlangano wawukhona.

67 NoMoya oNgcwele wamtshela ukuthi wayengubani, ukuthi uvelaphi, nokunye nokunye, ubaba omncane ofinyezekile, ephethe ingane yakhe. Futhi ngakho. . .Yabe isimtshela kahle ncamashi okwakuzokwenzeka. INkosi yamphulukisa umntwana kube inkazimulo kaNkulunkulu. Futhi lapho bebuzwa ngalokho, bathi kwaMayo Brothers, “Mfu. Branham, asisho ukuthi singabaphulukisi, kuphela sizisho ukuthi sisiza imvelo, kukhona uMphulukisi oyedwa, uNkulunkulu lowo.” Lokho ngokukwedlula konke, akunjalo yini. Niyabo?

68 Udokotela angaqondisa ingalo lapho yephukile khona, kodwa akakwazi ukuphulukisa. Udokotela angalikhipha izinyo, kodwa akakwazi ukuphulukisa lapho liphuma khona. Angakwazi ukusika inanzi, kodwa ubani ozophilisa na? Niyabo, awukho umuthi ozokwakha amangqamuzana, amangqamuzana ayi—ayisimila. Niyabo? Futhi akukho okungakuphulukisa lokho, akekho ongakwazi. Futhi ukuba nesimila kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana, okungokudaliweyo, futhi kunoMdali oyedwa, lowo nguNkulunkulu. Niyabo? Futhi Uzofanele athunge ahlanganise leyondawo, ahlanganise lelothambo. Udokotela angakuqondisa, kodwa, niyabo, wona. . .kumele. . .Kuthatha ikalisiyamu, ipotashi, nokunye nokunye, ukungena kulelothambo ukulihlanganisa.

69 Manje, uma bengigwedla imoto yami phandle lapha, noma ngizidlalela ngayo ngase ngephuka ingalo, bese ngigijimela kudokotela, ngathi, “Dokotela, ungumphulukisi, phulukisa ingalo yami ngokushesha impela, ngifuna ukuqedela imoto yami.”

Uyothi, “Udinga ukuphulukiswa kwengqondo mfana.” Kunjalo.

“Awu, uma unguphulukisi, phulukisa ingalo yami.” Akayena umphulukisi. Niyabo?

Yena uthi, “Ngingaqondisa ingalo yakho, uNkulunkulu uzodingeka ayiphulukise.”

70 Ngakho-ke. . . Niyabo? UmBhalo uqinisile njalo, "NgiyiNkosi, Ephulukisa *zonke* izifo zenu." Kunjalo. Siyabonga ngezibhedlela, nemithi, nokunye nokunye, zisiza imvelo, kodwa aziphulukisi. Qhabo, abasibo abaphulukisi, uNkulunkulu unguMphulukisi, imiBhalo ayinakuqamba amanga. Niyabo?

71 Manje, ngicabanga ukuthi yingakho ngithatha isikhathi esiningi kangaka, nilunge kakhulu, ngingavele ngime, ngikhulume nawe, futhi nakho lapho okhona. Kodwa uyazi ukuthini? Angikwenzi. . . Ngiyadlula nje kulesi sikhathi, anginakho kodwa okuncane ukuhlala nawe. Kodwa ngifuna ukwenza usuku nawe. Ngingalwenza, nonke na? Ngemva kokuwela umfula, ngapheseya, futhi siphenduka izinsizwa nezintombi futhi, ngifuna—ngifuna iminyaka eyinkulungwane yokubonana nomuntu ngamunye wenu.

72 Sihlala phansi ngasezihlahleni ezihlala ziluhlaza, futhi sihlale phansi lapho futhi sixoxe, futhi nakho kufika u-Abrahama, futhi sizosukuma futhi sixhawulane no-Abrahama, noDaniyeli uzofika futhi sizoxhawulana naye, futhi sigxumagxume, simemeze kancanyana, futhi sihlale emuva phansi, futhi sikhulume nje ngePort Alberni ngenkathi sasinomhlangano lapha. Manje, lokho kuzwakala sengathi, kwabanye abantu, kungaba inganekwane, kodwa lelo yiqiniso. Amen. Lokho kuyiqiniso njengoba kungaba njalo.

73 Manje, ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo, kumbe noma yini esiyenzayo. . . Futhi manje, ngifuna nazi ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, asizami ukwenza lokho ukubamba kwethu okukhulu. UDokotela F. F. Bosworth, umngane wami omuhle, usanda kuya eZulwini kamuva nje, ikhehla langempela, abaningi benu bezwile ngoFred Bosworth, wayeyindoda esaba uNkulunkulu, engcwele, endala, futhi wathi, "Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kufana nokuyodoba," wathi, "awulokothi ubonise inhlanzi ihhuku, uyibonisa isicupho. Ibamba isicupho bese ithole ihhuku." Ngakho lokho ngukuthi. . .

74 Ngakho—ngakho cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesithupha enkonzo kaJesu ayesekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kuheha ukunaka, kokuthile okungaPhezu kwemvelo kwenziwa, futhi abantu khona-ke bakholelwe kuNkulunkulu onamandla, okwenzayo, niyabo. Ngakho ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane, futhi awusoze wenza-kakhulu kokuncane. Kunjalo, Nkk. Byskal, akunjalo na? Kunjalo. Awukwazi ukwenza-kakhulu kokuncane.

75 Ngakho sifanele sikhumbule ukuthi lokhu lapha kuyinto nje. . . Manje, indlela yami yangempela yokukubona. . . Manje, sinamadoda amakhulu ezweni namhlanje, amadoda amakhulu, uTommy Osborn, no—no (O, ubani bonke?), u-Oral

Roberts, nalawomadoda, futhi ninamadoda amakhulu eCanada lapha, edlula, ephulukisa ngomkhuleko, ebeka izandla phezu kwabagulayo. O, ngiyakuhlonipha lokho. O, he. Bangamadoda kaNkulunkulu, ukukholwa okukhulu ukubambelela kukho.

76 Kodwa othile wangibhalela incwadi, eminyakeni edlule, lapho ngiqala, wathi, "Mfowethu Branham," ukugxeka okuhle, futhi ngiyakuthakasela lokho, kukwenza wazi lapho omi khona, inqobo nje uma abantu bengakutholi, niyazi, o, babe luhlaza ngempela ngakho, ufuna nje ukuba ngumfowabo futhi bakutshele lapho onephutha khona, futhi ngiyakuthakasela lokho. Ngihlala ngikwazisa ukugxekwa, inqobo nje uma ku—kulungile. Bese kuthi-ke, le ndoda yathi, "Uyazi, Mfowethu Branham," yathi, "u-Oral Roberts uzokhulekela amakhulu amahlanu ngenkathi ukhulekela ababili." Yathi, "Uyindoda enensa ukwedlula wonke engake ngayibona."

"Awu," ngathi, "lokho—lokho kuliqiniso," ngambhalela ngamphendula.

77 Kodwa wathi, "UMfowethu Roberts angasukuma lapho, futhi abeke izandla kubo *kanjalo*, futhi abakhulekele lapho bedlula, futhi abakhulekele *kanjalo*, futhi nakhu usamile lapho ubhekana noyedwa." Niyabo?

78 Ngathi, "Kodwa uyabo, uNkulunkulu wanika uMfowethu Oral Roberts indlela yokukhulekela abagulayo, futhi Wanginika enye indlela yokukhulekela abagulayo. NoMfowethu Oral Roberts ukwenza ngendlela yakhe uNkulunkulu amtshela ngayo, ngikwenza ngendlela uNkulunkulu angitshela ngayo." Kunjalo.

79 Ngathi, "Manje, nakhu okuyikho, lapho ubuka... Kuthiwani, isibonelo, uma unokukholwa okukhulu," Ake ngisho nje okuthile. Ngokuvamile, bona labo abagejayo bayangena. "Manje, ake sithi isibonelo, sinokukholwa okukhulu, futhi nakhu kumi indoda emsamo, inesikhathi esikhulu imemeza, nenkazimulo kaNkulunkulu izungezile." Futhi ngathi, "Manje, mhlawumbe le ndoda yebe imali ethile, yaphila kabi, mhlawumbe yagijigijima nowesifazane othize ngokungaziphathi kahle, noma wenze ukubulala ngamabomu noma okuthize, uNkulunkulu ayembeke lokhu kugula phezu kwakhe." Niyazi, uNkulunkulu usebenzisa ukugula ngukubhaxabula ukusiletha kuYe. Uyakukholwa lokho na? Impela kunjalo, i...buka uJobe, ukujeziswa kweNkosi.

80 Manje, ufanele uqaphele, iziphiwo zokuprofetha zingakufaka enkathazweni. Impela zingakwenza. Manje, ukuba-ke lendoda yenze into embi, futhi ngimi lapho, enkulu kakhulu, esikubiza ngokuthi eMelika, ukukholwa kwebhova, futhi ngiyayibamba bese ngithi, "Haleluya, haleluya! USathane uyamkhulula. Udumo kuNkulunkulu," futhi ngiyasisusa lesosifo kuye, futhi uNkulunkulu wasibeka kuye ngenjongo na?

Ngisenkathazweni noNkulunkulu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

81 Mhlawumbe anikutholi. Lindani, ake ngininike umBhalo othize, ngiyazi anizukuwungabaza umBhalo. Lapha, ake sithathe uMose. Bangaki abakholwa ukuthi uMose wayengumprofethi, umprofethi omkhulu na? UNkulunkulu watshela uMose, "Yehlela lapho futhi ukhulume nedwala." NoMose wehlela lapho futhi wenza lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuthi angakwenzi, washaya idwala. Walishaya okokuqala, kodwa uNkulunkulu wamtshela ukuthi akhulume kulo, futhi idwala lalinguKristu. Washaywa kanye, kwakukhuluma ngo—ngobuthakathaka beGazi likaKristu ngalesosikhathi, e. . . Futhi uMose walishaya okokuqala, kwaphuma amanzi, baphinda bakhala, futhi babelokhu bekhalela amanye amanzi nokunye okuthize, futhi uNkulunkulu wamtshela ukuthi ehle futhi ahambe akhulume nedwala.

82 Kodwa walishaya, amanzi awazange eze, futhi waphinda walishaya futhi. Wayenamandla okukwenza, wayengumprofethi. Namanzi aphuma. Kunjalo. Wenzani uNkulunkulu na? Wathi, "Khuphukela lapha, Mose." Wathi, "Uyalibona izwe ngaleya na? Awuzukungena, awuNgilalelanga ezansi lapho edwaleni." Niyayikhumbula indaba, akunjalo na? Wayenamandla okukwenza, kodwa kungcono aqaphele indlela awasebenzisa ngayo lawomandla.

83 Bukani u-Eliya, wayenempandla, futhi wayehla ngomgwaqo, futhi abanye abantwana abancane baqala ukuthi, "Omdala onempandla, omdala onempandla, kungani ungakhuphuki nje—njengoba kwenza u-Eliya na?" behlekisa ngaye. Manje, lokho kwakulungile, lezozinganyana ezincane, azizange. . . mhlawumbe—mhlawumbe ngabazali bazo abazifundisa ukuba zenze lokho, zazingabafo abancane. Zazihlekisa ngalomprofethi, kodwa bamthukuthelisa, futhi waphenduka futhi wabeka isiqalekiso kulabo bantwana, eGameni leNkosi, namabhere amabili ezinsikazi aphuma emahlathini abulala abancinyane abangamashumi amane nambili, abantwana abangenacala.

84 Manje, lokho akuzwakali, imvelo kaMoya oNgcwele, kuyazwakala na? Qhabo, babulaleni labo bantwana. Niyabo? Kodwa umprofethi othukuthele! Niyabo? Wabaqalekisa labobantwana, kwadingeka baqonde, ngoba wayengumprofethi. Niyabo? Ngakho ufanele ubheke.

85 Qaphelani, kulowo mugqa, ngiyabona ukuthi inkathazo, umuntu ayiyo, batshele, bese-ke uqaphela, ubone ukuthi bazothini noma bazokwenzani; ubone ukuthi Ungitshela ukuthi angenzeni. Uma kukhona okungalungile lapho, kusahlala kumnyama futhi kumnyama futhi kubanda, ngithi, "Hamba, futhi iNkosi ikubusise." Kodwa-ke uma kungenjalo, futhi

ngiyakubona kuyenziwa, ngibabone esikhathini esizayo, khona-ke ngithi, "ISHO KANJE INKOSI," niyabona. Bese ubona ukuthi konke kulungile-ke, kuzokwenzeka.

Manje, khuleka nje, kholwa, futhi ngolunye usuku ngethemba ukubuya nawe, ukuze sihlale isikhathi eside ndawonye, ngakho, uma iNkosi ithanda.

86 Manje, ngifuna ukufunda indikimba encane ejwayelekile emBhalweni, futhi itholakala kuMathewu oNgcwele esahlukweni se 12, futhi siqale ngevesi 41.

> Futhi *amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi sizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.*
>
> Futhi *indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma e*sizukulwa-,. . .e*kwahlulelweni kanye nalesi sizukulwane, asilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

87 Manje, ngithanda ukuthatha njengesihloko: *Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni. Lapha Kukhona Omkhulu KunoSolomoni.* Futhi okwendikimba, "Ukuqonda Iziphiwo Nezibonakaliso ZikaNkulunkulu." Manje, singakhuleka.

88 Baba wethu waseZulwini, sisanda kufunda eZwini laKho, futhi Wena uyiZwi, futhi Ubulokhu uyiZwi. Futhi manje, siyaKubonga ukuthi sinokukholwa kokwazi nokukholwa ukuthi yonke into isebenza nje ngokumisiwe ncamashi. Kulobubusuku, lomhlangano usesikhathini impela, nomhlaba nakho konke ukuzuza ngempumelelo kwawo kusesikhathini ncamashi.

89 Futhi, O Baba, ngenkathi ngidlula embukisweni woMhlaba ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngibuka impumelelo eyenziwe ngumuntu, nokuthi uthuthuke kanjani. Ukuthi abantu babebuthene kanjani emhlabeni wonke ukuba babone ukuthi umhlaba wawenzani, ukuthola okungcono kunakho konke abakwenza, iJalimane, iNgilandi, iSwitzerland, umhlaba wonke wawubonisa lokho owawukwazile ukuthuthuka kukho.

90 Futhi khona-ke, Nkosi, siza ngale kulelidolobha elincane, emuva le lapha ePort Alberni, lapho amanye amaNdiya angawodwana avela kulesi siqhingi, aziyo ukuthi kuyini ukubonga uNkulunkulu ngokubamba inhlanzi enhle, ukwethembeka nangobuqotho, ongama entabeni abuke ukushona kwelanga akhale, abonge uNkulunkulu lapho izinyoni zivuka ekuseni futhi ziqala ukucula, futhi akwazi ukubona uNkulunkulu emvelweni, futhi aMuzwe ememeza ezinyonini, futhi ayibheke ishaya amaphiko ayo amakhulu emoyeni.

91 Kodwa sihlangene lapha ngenxa yombukiso womhlaba kamoya, ukubona uNkulunkulu akwazile ukukwenza ngeBandla laKhe onyakeni, ukuthi Uze kanjani ukusuka—ukusuka ekuvumeni kuye eziphiweni, nezibonakaliso, nokukhuluma ngezilimi, nezimanga, futhi manje kwehle ngqo kuze kufike esibonakalisweni sokugcina. UNkulunkulu odabeni lwaKhe olukhulu, ekhombisa izwe lokho Akwazile ukukwenza ngabantu baKhe. Futhi sijabula kakhulu ukumelwa kulobubusuku, Nkosi, phakathi kweqembu labantu okungukuthi . . . liyakukholwa, futhi liqotho, futhi lihamba yonke indawo ukuthola ukulunga kukaNkulunkulu.

92 Manje, Baba waseZulwini, busisa iZwi laKho, busisa abantu baKho yonke indawo. Sindisa abalahlekile, Nkosi, O Nkulunkulu, bafanele bahambe ngolunye usuku, siyazi.

93 Futhi ngiyethemba, Nkosi, ukuthi kulobubusuku, kuzofezeka ukuthi sizoba uhlobo lwabeZizwe uJesu ayelwazisa. Sifunda eBhayibhelini lapho uJayiru, intombazanyana yakhe yayilele igula, ifa, futhi wathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu komntwana wami, futhi uzophila." Kodwa ngenkathi umRoma, oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami. Khuluma iZwi nje, futhi inceku yami iyophila." Khona-ke Waphenduka, futhi wabheka u-Israyeli, wayesethi, "Angikufumananga ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli."

94 Manje, Baba, asizami ukubeka izandla phezu kwabagulayo, ukuthi lapho sengihamba basho ukuthi "kwafika umfowethu *othile* wangibeka izandla." Kodwa mina, Baba, ngikhulekela ukuthi bazobona lokho inhloso, enhliziyweni yami, nenjongo yeZwi laKho engizama ukubalethela lona, ukuthi uMsindisi wabo, uJesu, ukanye nabo. Uyaphila njalo, Uyaphila. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxekwa nokubanda akukwazanga ukuMbulala, Usaphila phakathi kwethu ngqo, kulobubusuku.

95 Futhi ake abantu babone uBukhona baKhe, baMbone esebenza, bangalindeli ukuthi umuntu mumbe abeke izandla phezu kwabo, kodwa ngokukholwa kholwani uKristu ovukileyo, futhi nemukele ukuphulukiswa kwabo nensindiso yabo. Behla benyuka eziqhingini ndawo zonke, befakaza njengenenekazi elincane esikhulume ngalo izolo ebusuku, emzini waseSikari, nangale ezweni lamaSamariya. Siphe khona, Nkosi.

96 Siyizinceku zaKho, sizibophezela ngokuzithoba ngalendikimba, kulobubusuku. Khuluma, Nkosi, sisezandleni zaKho, yenza ngathi njengoba Ubona kufanele. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

97 Manje, kulemihlangano (kubefundisi basesontweni), ngizamile ukuyigcina ilula kakhulu, umyalezo nje futhi . . . wokuphulukisa, ukuze sikwazi ukubheka iNkosi yethu. Manje,

izikhathi eziningi abantu bahamba bezungeza, niyazi, futhi ngumuntu nje, bathi, "O, uMfowethu *S'bani-bani*, haleluya, awucabangi ukuthi wayenesiphiwo sikaNkulunkulu na? Wangibeka izandla. Haleluya!"

98 Qhabo, ukukholwa kwakho okwakwenza. Niyabo? Kwakuwukukholwa kwakho, hhayi izandla zomfowethu. Kwakungukukholwa kwakho, uyabo, ngoba uma kukhona ukuphulukiswa ezandleni zomunye umuntu, manje-ke kwenzekani eKalvari na? Yilapho *A*khokha khona inani lokuphulukiswa kwethu. Ukukholwa kwethu ngamunye emsebenzini waKhe ophelile. Noma imuphi umuntu uyakwazi lokho. Uyabo? Manje, ngakho-ke, angizanga, zame futhi ngithi, "Masikhuphuke sonke futhi sivumele. . . beke izandla kuye." Ngizama ukusho lokhu ukwakha ukukholwa kwenu.

99 Manje, futhi omunye wenu. . . Kuthiwani uma omunye wenu bazalwane noma odade baseNdiya, engagula ngaphandle le kwesinye salezo ziqhingi na? Uyacabanga, "Awu, ngimpofu, anginayo imali. Uma bengingehlela ezansi eStates, ngehle le kuMfowethu Branham, ngiye le ku-Oral Roberts. . ." Awu, mhlawumbe uMfowethu Roberts, mhlasimbe ubungathatha izinyanga ukungena.

100 Nginamakhulu amathathu ahlezi lapho ohlwini lwabalindile manje, abavela kuwo wonke umhlaba, kodwa lokho okwemihlangano yangasese. Niyabo, lapho singena lapho, ngithatha udaba olunjalo, asilokothi silushiye, silushiya lodwa kuze kube uNkulunkulu uyembula. Kuthatha uNkulunkulu ukwembula okufanele akwenze, akwenzile, nokunye nokunye kanjalo. Manje, lezo yizingxoxo zangasese, leyo yinto ethile empilweni. Sinecebo elendlalwe eBhayibhelini *lapha*, kodwa impilo yangasese yezinto, o, bekungathatha iminyaka, Bengingabhala imiqingo yencwadi ngalokho engiMbone ekwenza. Futhi akukho nakanye okwake kwehluleka. Akukho nanyake okwake kwehluleka. Vele ubuze noma ubani kunoma iyiphi indawo, akwenzeki neze. Ngeke kwehluleke, nguNkulunkulu. Kunento eyodwa uNkulunkulu angeke ayenze, Angeke ehluleke. Angeke ehluleke.

101 Manje, kholwani manje. Manje, uJesu wayesola lesosizukulwane ngokungasikholwa isibonakaliso saKhe ukuthi Wayesifakazisile kubo ukuthi WayenguMesiya. Manje, sithathe lokho izolo ebusuku, ukuthi WayenguMesiya kanjani ngoba WayeyiZwi. Ngabe kunjalo na? Manje, *Mesiya* kusho "uKristu, Ogcotshiweyo." Futhi khona-ke Wayesezoba yiNkosi, uNkulunkulu-mProfethi, futhi nakhu kwakukhona uMoya kuYe. Manje, khumbulani labo ngempela abahlala nesifundiso somBhalo, baMqonda, kodwa labo abasuka kwelinye ibandla emasikweni abo, bakugeja. Niyabo?

102 Futhi uJesu watshela labo bafundisi, Wathi, "Nina,

namasiko enu, nithatha imiyalo kaNkulunkulu, niyenze ize." Manje, bebezokwenzani ngesiko namuhla na? Ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," lokho isiko labo; "Ayikho into enjengokuphulukiswa ngokukaNkulunkulu," lelo yisiko, hhayi iBhayibheli. Ngingakhombisa noma iyiphi indoda lapho uJesu agcoba khona iBandla laKhe futhi walithuma e "mhlabeni wonke, kukho konke okudaliweyo. Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje, ngifuna umuntu othize, angikhombise indawana yomBhalo lapho Akususa khona eBandleni, akukho lapho. KuseseBandleni, ngamasiko akusontile.

103 Futhi yingalesosizathu bengamqondanga uJesu, ngoba amasiko abo ayesesontile futhi athola abanye. . .Babecabanga ukuthi uMesiya wayezofika, futhi kungangabazeki bakha ithempeli, futhi bathi, "Uzokwehla ngemihubhe yaseZulwini, bayoshaya ibhendi yeziNgelosi, futhi Uyongena kanjalo." Futhi Wayeyini na? Wazalelwa emkhombeni, e—esibayeni lapho izinkomo nezilwane zazikhona, ebhokisini elincane lotshani obomile, futhi kwakufanele kube ukuzalwa ngokungemthetho, umama nobaba waKhe bengashadile. Konke. . .O, he. Udeveli wapenda i—isithombe esibi kakhulu kuYe.

104 Futhi bathi, "Indoda enjalo na? Qhabo. Uvela kusiphi isikole na? Wayithathaphi imfundo yakhe na? Ngani, ubabayi waKhe wayengumbazi, bese-ke ethi uyiNdodana kaNkulunkulu." Niyabo, abakukholwanga lokho. Kodwa nokho, Wayeyisimangaliso kakhulu baze bangaphika ukuthi kwakulapho, futhi khona-ke bavele bathi, "O, ungokadeveli." Futhi leyo yinto efanayo namhlanje, bayokubeka ngokwezinga ngendlela efanayo, ngoba ukuhlakanipha kulungisiswa kubantwana bakhe.

105 Bewazi yini. . .? Njengoba bengiphawula izolo ebusuku, ngizizwele kushanela izethameli, kuthe ukuba nomuzwa oxakile lapho kubuya, kodwa lapho ngithi, "Imfundo ibiwuphawu lomphikukristu kuyo yonke iminyaka." Imfundo iyisitha esikhulu kunazo zonke iVangeli elake laba naso. Lalelani, ngiphumile endabeni, kodwa umzuzwana nje. Ake sithathe nje uhlu lozalo: Kwakukhona uKayini noSeti, u-Abela wabulawa futhi uKayini walethwa esikhundleni sakhe, ukufa, ukuvuka kukaKristu. Futhi abantwana bakaKayini bonke babehlakaniphile, benobuhlakani, ososayensi, kwehle njalo kuze kube semihleni kaNowa. Futhi abantwana bakaSeti babethobekile, abalimi, abafuyi bezimvu, abalimi yonke indlela. Futhi bekulokhu kungaleyondlela. Niyabo?

106 Ngenkathi uJesu efika, abaFarisi, nabaSadusi, nabafundisi, bukani lapho ababekhona. Ezenkolo? O! Ungcwele? He, wawungeke ubeke umunwe empilweni yabo, kodwa uyabo, babengabangakholwayo. Noma yini engabaza uphawu olulodwa leZwi likaNkulunkulu ingongakholwa. Angikhathali ukuthi

ukholwa kangakanani, noSathane uyakholwa naye, ufanele ukholwe yiZwi. Futhi uma unoMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele uzogcizelela lonke iZwi ngo . . . wonke umusho ngo "Amen." Niyabo? Alisoze lasusa kuLo, LiyoLikholwa. Niyabo?

107 Ngakho lapho uJesu efika, Wabathathaphi abafundi baKhe na? Ngabe Waya kuKayafase, manje wathi, "Iliphi iqembu elihlakaniphe kunawo onke onalo na?" Weqa labo, abaMkholwanga. Washonaphi na? Wahamba futhi walanda amaNdiya angalolosuku, abadobi ezansi emfuleni, kunjalo impela, amadoda ayengakwazi ngisho nokusayina igama lawo uqobo. IBhayibheli lathi uPetru noJohane babengazi futhi bengafundile. Kunjalo. Kodwa babekwazi ukuphulukisa indoda esangweni elithiwa ngeLihle ngeGama likaJesu Kristu, futhi kwaba kuhle kuNkulunkulu ukunikeza umuntu owayengakwazi ukusayina igama lakhe izihluthulelo zoMbuso, ethi, "Noma yini oyoyibopha emhlabeni Ngizoyibopha eZulwini."

108 Kungani imfundo idlala indima engaka namuhla, isonta abantu ibaqhelise kuNkulunkulu esikhundleni sokubaletha kuNkulunkulu na? UPawulu, wena uthi, "Kuthiwani ngoPawulu na?" Kodwa wathini uPawulu na? Kwadingeka akhohlwe yikho konke ake akwazi, wayesethi, "Angikaze ngize kini ngokuhlakanipha komuntu, ngamazwi amakhulu amnandi, kodwa . . . ukuze ukukholwa kwenu kwakhelwe kokunjalo, kodwa ngiza kini ngamandla kaMoya, ukuze ukukholwa kwenu kube sekuvukeni kukaJesu Kristu."

109 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . futhi wayesho kubo, ebakhuza, ngokuba bengakholwanga nguYe, Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa." Futhi nangu Wayebatshela.

110 Manje, khumbulani, uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, ubehlala njalo enza okungaPhezu kwemvelo, ngoba UngaPhezu kwemvelo. Wake wacabanga ukuthi uNkulunkulu wayeyini na? Ake ngikunike isithombe esincane nje manje, ngaphambi kokuba ngihambe. O. Qhabo, ngizobusiswa futhi ngeke ngikwazi ukukwenza. Yebo, ngizokwenza, ngizokuzama noma kanjani.

111 Ekuqaleni, ngaphambi kokuba kube khona noma yini, KwakunguNkulunkulu. Ngaphambi kokuba kube netshe elikhanyayo, ngaphambi kokuba kube khona ukukhanya, ngaphambi kokuba kube ne-athomu, ngaphambi kokuba kube nemolekhuli, WayenguNkulunkulu. Kodwa Akakwazanga . . . WayengaMandla amakhulu alawulayo akho konke. Futhi Wayeyikho, konke kuYe.

112 Manje, kuYe kwakukhona izingxenye ezingehlukaniseki. Niyazi ukuthi ingxenye engahlukaniseki isho ukuthini na? Phakamisa isandla sakho, noma ubani uyazi ukuthi yini ingxenye engahlukaniseki . . . impela niyazi ukuthi iyini ingxenye engahlukaniseki, into ethize engukuthi,

ikuwe, i—ifanele iziveze yona uqobo. Njengokuthi, ingxenye engahlukaniseki . . . Njengoba uthanda indawo ebonakalayo, futhi uma ubona leyondawo ebonakalayo, okuthize, kuvele nje, o, he, kukuxhuxhumisa nje.

113 Manje, kuNkulunkulu, Wayengakabi uNkulunkulu, ngoba u*Nkulunkulu* u "yiNto ekhonzwayo," futhi kwakungekho lutho lokuMkhonza, WayenguNkulunkulu, kodwa Wayengesuye uNkulunkulu ngaleyondlela. Khona-ke Ufanele ukuthi wadala iziNgelosi, zase-ke ziqala ukuMkhonza. Okulandelayo, Wayenengxenye engehlukaniseki yokuba nguBaba; into elandelayo, Wayenengxenye engehlukaniseki yokuba i—ukuba yiNdodana; into elandelayo, Wayenengxenye engehlukaniseki yokuba nguMphulukisi; into elandelayo, ingxenye engehlukaniseki yokuba nguMsindisi. Niyabo? Futhi zonke lezi zinto kwakufanele ziziveze. Niyabo? Futhi uNkulunkulu, ukwenza umuntu one, ukuze Amjezise na? Qhabo. Futhi Wambeka phezu kwezisekelo zenkululeko yokuzikhethela, futhi umuntu wona ngokwakhe, futhi ngakho-ke uNkulunkulu waba nguMsindisi khona-ke. Niyabo?

114 Ngakho yizingxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu kuphela ezizivezayo esizibonayo, futhi yonke into isesikhathini ngokuphelele, sonke isiphiwo, yonke into ihamba ncamashi ngokokuhamba kwewashi, niyabo, ulapho nje.

115 Manje, uJesu ngesikhathi saKhe, Weza ukuzoveza obala izingxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu, kuYe uNkulunkulu wabonakaliswa kuYe. Qaphelani. Manje, Wayesibonisile lesisibonakaliso sikaMesiya. Kwakuwukungakholwa. Futhi uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka ube nezibonakaliso kubantu, futhi manje, lapho abantu bekholwa lesosibonakaliso, kwakungunyaka wegolide kubantu, kodwa kwathi bengakukholwa, kwaba yisiphithiphithi kubantu. Kulungile. Manje, ake ngikucaphune lokho futhi, ngoba ngizothatha imizuzu embalwa kuphela nje manje.

116 Bukani, lapho uNkulunkulu ethumela isiphiwo, futhi abantu bayasikholwa, yisikhathi esikhazimulayo kubantu, kodwa lapho uNkulunkulu ethumela isiphiwo, futhi abantu bayasenqaba, lesosizukulwane siya ekubhujisweni. Manje, qaphelani. Ukube-ke izwe namuhla belingemukela isiphiwo sikaNkulunkulu na?

117 Ake sibuyele emuva umzuzu. UNowa wayenjalo . . . uza nesiphiwo sikaNkulunkulu njengomprofethi, ethi kwakuza isivunguvungu esasizomboza umhlaba wonke ngamanzi. Manje, akuzange kuhlangabezane nemibono yesayensi yangalolo suku. Khumbula, babengososayensi abakhulu kunathi manje, bakha isivivane iBhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe, futhi asikwazanga ukwakha lokho manje. Bagqumisa umzimba ukuze ubukeke ungowemvelo, ngisho nanamuhla, umzimba ogqunyiwe, asikwazanga ukuwenza.

Babenombala esingakwazi ukuwuthinta, babengososayensi abakhulu kunesibabo namuhla. Futhi manje, lapho . . . Cishe bangadubula umshini wokupopola irada enyangeni, futhi.

118 NoNowa, le ndoda emi phandle lapho, emva kokuzwa okuvela kuNkulunkulu, futhi eshumayela, eprofetha ukuthi uNkulunkulu wayezobhubhisa umhlaba ngamanzi, "Lizokuna lehla livela emazulwini."

119 Ngani, ngizwa ososayense ukuba bakhuphukele lapho, futhi bathi, "Buka, sinethuluzi esingalidubula lithi ngqu enyangeni." Niyazi, lalingakaze line ngalezozinsuku, uNkulunkulu wanisela umhlaba ngokuvela emithonjeni, akuzange kube nemvula ezibhakabhakeni. Umhlaba, oncike emuva ngemva kokubhujiswa kwangaphambi kwezikhukhula, ubangela izimvula. Ngakho uNowa wathi lizokuna livela phezulu, futhi abantu abakukholwanga, isayensi ithi, "Akukho nelilodwa iconsi lemvula phezulu lapho, akukho manzi. Lingana kanjani na?"

120 UNowa uyothi, "Uma uNkulunkulu ethe lizokuna, futhi imvula iqhamuka phezulu lapho, Nkulunkulu uyakwazi ukubeka imvula phezulu lapho." Niyabo? Kodwa abantu abazange bakukholwe. Ngelinye ilanga lana. Niyabo? Nalolohlanga, ngoba abalukholwanga, babhujiswa, umhlaba wonke.

121 Eminyakeni kamuva, kufika umprofethi, ogama linguMose, wehla evela ehlane, iNsika yoMlilo phezu kwakhe. Futhi wayebalethela isithembiso sikaNkulunkulu, ebatshela ukuthi uNkulunkulu wayethembisile, ngeZwi laKhe, ukubayisa ezweni elalichichima ubisi nezinyosi. Futhi wayenaleNsika yoMlilo phezu kwakhe, noNkulunkulu wayesebenza naye ukufakazisa kulawomaJuda ukuthi wayengumprofethi.

Wathi, "Kusasa, lungisani yonke into, ngoba into *ethize-thize* izokwenzeka." Futhi kwenzeka impela nje, wayengumprofethi.

122 Qaphelani. Ngacabanga, ngoluny'usuku, ukuthi lokho kufanele ukuba kwaba ngokukhazimula kangakanani ku-Israyeli ngenkathi bekuzwa lokho. Bamkholwa. Qaphelani, babe—babeyizigqila. Ba—ba—bazilahlela ngaphandle lezo isinkwa esibunjiwe, bayasidla, noma benze ngaphandle. Uma labo baseGibhithe befuna ukuthatha amadodakazi abo amancane futhi bawadlwengule, yini ababengayenza ngakho na? Lutho. Hamba uthathe amadodana abo amancane, futhi uwabulale, yini ababengayenza ngakho na? Lutho. Babeyizigqila, nokho babengabantu bakaNkulunkulu. Amen.

123 Qaphelani. Manje, babelapha, abantu bakaNkulunkulu kulolohlobo lwesimo, futhi kwehla lomprofethi no-ISHO KANJE INKOSI, ngokwemiBhalo, "UNkulunkulu, oBaba bethu bahlangana no-Abrahama futhi bamtshela ukuthi inzalo yakhe yayiyogogobala ezweni labezizwe iminyaka

engamakhulu amane, khona-ke Uyobakhipha ngesithembiso esikhulu namandla. Uyobakhulula, futhi abayise ezweni elihle lapho u-Abrahama agogobala khona, futhi lona . . . isikhathi sesiseduze."

124 Noma yimuphi umuntu ubengakusho lokho, kodwa lendoda yayineNsika yoMlilo phezu kwayo, futhi yayingumprofethi, eyayikusho kwakwenzeka ncamashi ngendlela asho ngayo. O, he!

125 UIsrayeli wakukholwa. Benzeni na? Bamasha bephuma eGibhithe, phansi kwaleyoNsika yoMlilo, endleleni eya ezweni lesethembiso ababengakaze balibone noma abazi lutho ngalo. Futhi akekho noyedwa wabo owayengakaze abe lapho, kodwa bahamba ngoba iZwi likaNkulunkulu labayala ukuba bahambe, babesemgqeni womsebenzi.

Ngethemba ukuthi angizwakali kakhulu. Bengijwayele ukushumayela ngaphandle nezinto. Umzuzwana nje. Qaphelani. Ngizoma emuva kancane.

126 Qaphelani, bamlandela lowomprofethi badabula ehlane, futhi uNkulunkulu wabondla ehlane, Wahlinzeka zonke izidingo zabo, wanisa isinkwa sivela ezulwini ebusuku futhi wabapha ukudla, futhi wabakhuphula, baze bafika endaweni ethiwa iKadeshi-barineya. IKadeshi-barneya, ngesinye isikhathi, isihlalo sokwahlulela sezwe.

127 Futhi babeneqhawe elikhulu kanye nabo elibizwa ngoJoshuwa. Negama elithi *Joshuwa* lisho ukuthi "Jehova-Msindisi." Waphuma ekamu, wawela iJordani, akekho owayengakaze afike lapho manje, babengazi ukuthi izwe lalikhona, kuphela ngesithembiso sikaNkulunkulu, futhi bawela iJordani, bawelela ezweni lesethembiso, futhi babuyisa ubufakazi bokuthi izwe laliyilokho ncamashi lokho uNkulunkulu ayethi laliyikho. Niyabo? Lalikhona.

128 Futhi kwakungalesosikhathi lapho abantu, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye abo, bengamkholwanga uJoshuwa, badingeka bazule isikhashana, kodwa uNkulunkulu, enza isithembiso, Wabathatha. Kuthandeka kanjani. Kwakungadingeki ukuba basebenze ngaphansi kukaFaro, babengashada amakhosikazi abo, babakhele indlu encane endaweni, bakhulise imfucumfucu yabo nezinto, futhi bakudle, futhi bakhulise abantwana babo ngokuthula. Izizwe zabesaba nokunye nokunye. Bese kuthi-ke emva kwesikhashana imimango yalelozwe elithandekayo ibonakale ngamathuna.

129 Kwabe sekufika iQhawe elikhulu kunawo wonke, uJesu. Futhi Wathi uNkulunkulu useyilungisile iNdawo lapho kungasekho khona ukufa, amen, lapho esingahlala khona kuze kube phakade, sakhe izindlu, sihlale kuzo, sitshale izivini, sidle isithelo zazo, futhi ngeke sizishiyele omunye umuntu. Amen. "Endlini kaBaba waMi kunezindlu eziningi. Ukube

bekungenjalo, beNgizonitshela. Futhi Ngiya ukunilungisela indawo, futhi ngibuye futhi ukuze nginamukele kiMi uqobo, ukuze lapho Ngikhona nani nibe khona." Wakwethembisa, ukuthi kukhona ukuPhila emva kokufa. Omunye uJoshuwa omkhulu, akekho owake waba ngale, wayesebuya, omunye nje uJoshuwa omkhulu.

130 Qaphelani. Kwase kuthi lapho Efika kuleyondawo, Wahlangana neKadeshi-barneya yaKhe, isihlalo sokwahlulela sethu sonke, iKalvari. Kulapho Ahlulelwa khona ngenxa yezono zezwe. Wawela iJordani lokufa, esikwaziyo, wawelela kwelinye izwe, wafa. Wafa kanjalo ilanga laze layeka ukukhanya, inyanga yangakhanya, futhi ngani, umhlaba waba nokugodola kwemizwa ngenkathi amadwala ezamazama aphuma kuwo, ngenkathi Efa. Futhi Wafa, kodwa ngosuku lwesithathu Wabuya evela ngapHesheya kweJordani, ukubuyisa ubufakazi bokuthi umuntu uyaphila emva kokufa lapha. Yeka iQhawe elikhulu!

131 Manje, Wathi, "Ngizokunika isibambiso sensindiso yakho." Uyazi ukuthi siyini isibambiso na? Idophosithi. Njengokuthi uma bengifuna ukuthenga isikebhe komunye wenu bazalwane baseNdiya, futhi ngaphuma ngasengithi, "Ufuna malini ngaleso sikebhe na?"

Wena uthi, "Amadola ayizinkulungwane ezimbili."

132 Ngithi, "Awu, ngiyakutshela engikwenzayo, ngizokunika amadola angamashumi amahlanu ukuze ungibambele sona kuze kube yiviki elizayo. Uzokwenza na? Ngibambe... Uzongibambela yini?"

133 "Ngizokwenza, Mfowethu Branham." Bese-ke unginika irisidi, futhi ngikunika amadola angamashumi amahlanu. Manje, awukwazi ukuthengisa leso sikebhe, ngoba ngithole ibhidi yokuqala kuso. Leso isibambiso engizothola isikebhe, singesami.

134 Awu manje, uNkulunkulu wabuya, futhi wathi, "Khuphukela lapho eJerusalema, futhi ulinde. Ngizokuthumela iSibambiso sensindiso yakho." Futhi babephezulu lapho bonke nganhliziyonye endaweni eyodwa, futhi kungazelele kweza iSibambiso, sehla sivela eZulwini njengomoya ovunguza ngamandla, futhi wagcwalisa yonke indlu ababehlezi kuyo.

135 Manje, bukani lapha, singabheka emuva futhi sibone lapho esasike saba ngabangakholwayo. Sibonile lapho sake sazungeza umhlangano onjena futhi sawuhleka. Sike sabona, emuva ezimpilweni zethu, lapho ebesiyokugxeka ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Thina, ngesinye isikhathi asikholelwanga kuNkulunkulu, ngesinye isikhathi asizange sikholwe eZwini laKhe. Kodwa manje sesivusiwe kulokho, saphakanyiswa, safa kuKristu, sambelwa kanye naYe, savuswa kanye naYe ekuvukeni

kwaKhe, futhi manje sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Kanye. . .

136 Niyabo, iSibambiso. . .Nakhu la sikhona, namuhla, eSibambisweni sensindiso yethu. Simi lapha, kulobubusuku, sesivele sesifile, simbelwe kuKristu, futhi savuswa naYe, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini, ukujabulela izinto zokomoya ezibuya ngaphesheya kwendlela. Niyabo, izindawo zaseZulwini. O he, kusenza simemeze ukucabanga ngakho.

137 Njengowesifazane omdala oyikhaladi, owesifazane ongumNegro, udade, washo ezansi eStates, wathi, "Dkt. Branham," wathi, "mina—mina ufuna ukunikeza ubufakazi."

"Qhubeka, Dadewethu, fakaza."

138 Wathi, "Ngifuna ukusho lokhu, bantu: Angisikho," Lelo yigama abalisebenzisa eningizimu. Wathi, "Angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho, futhi angisikho lokho engifuna ukuba yikho, kodwa-ke, enye into engiyaziyo, angisikho lokho engangivame ukuba yikho." Kuhle lokho. Wayazi ukuthi kukhona okwakwenzekile. Amen. Kanjalo nami, wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyazi ukuthi awusesikho lokho owawuvame ukuba yikho. Amen. Angisikho lokho engifuna ukuba yikho, futhi angisikho lokho ebengifuna ukuba yikho, angisikho lokho engangivame ukuba yikho nami. Niyabo? Ngivuke kanye ngaYe. Manje, ngiphakeme *kangaka*, ngilindele uguquko lwami ukuthi lufike.

139 Manje, uMose, uMose wayeyinceku kaNkulunkulu. Manje, uJesu ekhuluma lapha, Wathi, "Amadoda aseNineve ayakuvuka ekwahlulelweni ngoba aphenduka ngokushumayela kukaJona." UJona wayengumprofethi.

140 Manje, inqwaba yabantu ivele ikhulume kabi ngoJona omdala ompofu, futhi bathi wayengu—umhlubuki. Angicabangi kanjalo. Ngicabanga ukuthi iBhayibheli lathi izinyathelo zolungileyo zilawulwa yiNkosi. Manje, senza izinto ezinga. . . asiqondi ukuthi kungani sikwenza, kodwa silokhu sithule nje, inqobo nje uma siholwa nguMoya, hamba ukwenze noma kanjani. Kungase kuphambane nokucabanga kwethu, kodwa lapho uMoya oNgcwele ethi, "Hamba," siyahamba.

141 Isibonelo nje, njengamanje nginomhlangano, ozoba seNew York, ngifanele ngibe nawo kuleli viki, lapho kwakukhona abantu abakhuluma iSipanishi abangamakhulu amathathu bethatha iMadison Square Garden ehlalisa izinkulungwane eziyishumi nesishiyagalolunye futhi bengifuna lona kanye leli viki, lapha, engikulo lapha, ukuba seNew York. Niyabo? Kodwa uMoya oNgcwele ungiholele ngapha, kubonakala sengathi kuzophambana, kodwa angazi ukuthi kungani, kodwa ngilapha. Niyabo, "Abantwana bakaNkulunkulu baholwa nguMoya kaNkulunkulu." Asiqondi. Niyabo?

142 Manje, abanye abazalwane bangaya kulabobantu. Manje, njengoMfowethu Roberts, akakwazanga ukuya lapho, akakwazanga ukuza lapha, ufanele abe ngapha, ngiyacabanga, kucishe kube izinkulungwane eziyishumi nanhlanu kuya kwezingamashumi amabili zamadola nsuku zonke, izinhlelo zetelevishini, nazo zonke izinhlobo zezinto, kanye—kanye nesakhiwo samadola ayizigidi ezintathu lapho ukuze sisebenze. Lowo mfowethu ubengekwazi ukuza lapha, ubungekwazi ukweseka into enjalo, awuyena u. . . angikwazi ukukwenza. Niyabo? Futhi kanjalo noTommy nohlelo lwakhe olukhulu, nezinkulungwane zezithunywa zenkolo ezweni lonke, akakwazanga ukukwenza.

143 Ngakho niyabona, iNkosi ayizange ingivumele ngikhule kanjalo, Uvele nje wangivumela ukuba ngihlale ukuze ngingene kunoma yiliphi ikhona elincane, ngoba angidingi lutho kodwa uBukhona baKhe nje. Kunjalo. Ngangisenkundleni ngaphambi kwanoma yimuphi walabo bazalwane. Kodwa niyabo, iNkosi yakhuluma kimi, ithi, "Ungathathi lutho kwalokho, ungahlangani nemali, yiyeke."

144 Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami yonke. Bengishumayela iminyaka engamashumi amathathu nanye futhi angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. Niyabo? Ngoba . . . Futhi ngibamba i . . . Ngangiba nemihlangano engaba yizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu enhlanganweni yebandla linye, ngase ngihamba ngayobamba umhlangano lapho ibandla lihlalisa abantu abangamashumi amabili kuphela, kodwa yathi iNkosi, "Hamba." Niyabo? Nomaphi lapho Asho khona, "Hamba," hamba.

145 Lapha kungekudala . . . Nizwile ngoMfowethu Roberts, indoda enkulu. Futhi ngahamba . . . O, ungumfowethu onomoya omuhle, umngane wami omuhle kakhulu, futhi ngaya esakhiweni sakhe esikhulukazi. Ngaya ngale kuTommy. Futhi uTommy wayesezansi lapha e—ePortland lapho lolo hlanya laphuma ukuba lungibulale ngalobobusuku, emsamo, niyizwile indaba, umfo omkhulukazi, futhi wathi, "Ngizokungqimuza lapho, maphakathi kwalezo zethameli. Ngizokwephula intamo."

NoMoya oNgcwele wathi, "Ngoba uphonsele inselelo iZwi likaNkulunkulu, uzowela ezinyaweni zami."

Wathi, "Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela phezu kwazo," ihlehlisa isibhakela sayo esikhulu.

Futhi ngathi, "Phuma kuye, Sathane," futhi wawela ezinyaweni zami, impela nje, wayelapho-ke.

Ngakho uTommy wayemi lapho. Amaphoyisa agijima aphuma ayesethi, "Silandela lowo mlisa ukuba simfake ejele." Athi, "Ingabe ufile na?"

146 Ngathi, "Qhabo, mnumzane, kodwa mgingqeni asuke ezinyaweni zami." Niyabo? Wasinda cishe—cishe phezu

kwamashumi amabili-namashumi amahlanu, ngakho bamginqa bamsusa ezinyaweni zami, futhi wayelapho-ke.

Wathi, "Ingabe uphulukisiwe na?"

147 Ngathi, "Qhabo, mnumzane, ukhonza lowomoya. Angeke. . . " Ngangiholele lawo maphoyisa amancane amabili kuKristu endlini yokugqoka, emuva lapho, e. . .ePortland Auditorium.

148 Manje, manje, niyabo, kulokho uTommy waba yinceku kaNkulunkulu, futhi manje yena. . .nokuphumela emasimini, wenze umsebenzi omkhulu. NoMfowethu Oral, kwakukhona isakhiwo sakhe esikhulu. Awu, kuyinto enhle ukucabanga ukuthi indoda eyodwa, indoda eyodwa yayingamisa cishe isakhiwo eliyizigidi ezimbili nengxenye, noma ezintathu zamadola. Whewu, he! Futhi kuba eTo-. . .

149 Ngaya endaweni ka-Oral, futhi kunemishini ye-IBM engamakhulu amahlanu esebenzayo, izincwadi zakhe azithinti izandla zomuntu, kukhona umshini ozithathayo, uyayibhala, uyayehlisa, uyigoqe, bese uyayithumela. Uya ebhange, athathe imali, futhi ayingenise ngethrakhi elikhulu, futhi ayilahle e. . .Ibhande ligijima lizungeza ngezilwimi ezahlukene, bayazikhipha, *kanjalo*, futhi banakekele imali. Ngani, yi. . .Awukaze uyibone into efana nayo empilweni yakho. Futhi kuyinto enhle. No-Oral engihola ukuba angikhombise, uMfowethu Fisher, lowo oyisithunywa senkolo naye lapho.

Bese kuthi-ke ngibone ekaMfowethu Tommy, indawo yakhe enkulu laphaya, ngacabanga, "Kuhle kakhulu kanjani, kuhle kanjani." Khona-e kwenzeka ngabheka ngaphandle. Mfowethu. . .

150 Amaphoyisa aqhamuka, athi, "Mfowethu Branham, ungeke uphume ngalowomnyango." Athi, "Kunabantu abangamashumi amahlanu abami lapho abakulindele." Wathi, "Bazo. . .Balinde nje ukubona. . . "

Futhi ngathi, "Awu, ingabe ikhona indawo yokungena engemuva na?"

Athi, "Yebo, phuma nga*le*ndlela." Manje, futhi bathi, "Sizothumela indoda ezokulanda."

151 Futhi ngaphumela endaweni yokupaka engemuva. Futhi ngangihamba ngehla ngenyuka lapho ngibuka lelosakhiwo elikhulukazi. O, he, okufana nje. . .Angikaze ngibone noma yini, kunoma iyiphi ingxenye yezwe, efana nayo; umfana omncane wePentecostal akwenza.

152 Ngacabanga, "Akumangalisi yini lokho na?" Ngacabanga, "Nkulunkulu, kumangalisa kanjani!" Futhi ngacabanga, "Cabanga nje ngendawo kaMfowethu Tommy laphaya, ukuthi inkulu kangakanani, cishe indlu yasedolobheni, ekwenzeni

izincwadi nje, nonobhala, kanjalonjalo, nemishini ye-IBM isebenza."

153 Ngacabanga "He, ngingazonda ukuba beze endaweni yami ukuze babheke eyami." Nginomshini wokubhala owodwa omncane ohlezi ekugcineni kwenqola, futhi ngangingeke... ngizama ukuthola othize ozongisiza aphendule izincwadi zami.

154 Futhi ngacabanga, "Kodwa mfana, ngeke ngibe nawo wonke lowo mthwalo ngalutho, anginabo ubuchopho obanele bokunakekela lokho." Ngacabanga, "UNkulunkulu wayekwazi lokho."

155 Futhi ngangimi lapho, kwase kuthi-ke ngaba nomunyu ngempela. Ngacabanga, "Nkulunkulu, ngamunye wabazalwane uthe bayibonile inkonzo Onginike yona, futhi yabaqalisa ensimini," Ngathi, "kulokho, ngiyabonga, sonke sisebenzela iNdawo eyodwa enkulu, phezulu lapho, ebizwa ngokuthi iZulu." Futhi ngathi, "Ngiyabonga ngalokho." Kodwa ngathi, "Ngicabanga ukuthi mhlawumbe Ubungeke ungethembe, futhi Ubuwazi ukuthi bengingeke ngikwazi, ukuthatha imali kanjalo, futhi bengingeke ngibe nobuhlakani bokwazi ukuthi ngenzenjani uma ngiyithathile." Futhi ngathi, "Ngicabanga ukuthi kwenzeka ukuba kube ngaleyondlela."

156 Manje, ngangimi lapho, ngathi ngizwa ngiminyaniseka kancane emphinjeni, ngoba... Manje, angikusho lokhu... Ngikusho nje lokhu, iqiniso. Ngezwa iPhimbo licace nje njengoba ungizwa, lathi, "Kodwa ngiyiSabelo sakho." ...?...

157 Ngathi, "NgiyaKubonga, Nkosi, ngizoya noma yikuphi, noma iyiphi indawo, nganoma yisiphi isikhathi. Ngifuna ukwenza lokho Wena—Wena obuyofuna ngikwenze," nokubonga uNkulunkulu. Manje, uMfowethu Osborn, noMfowethu Roberts, noMfowethu... bonke labo bazalwane abayigugu emhlabeni wonke, sonke sisebenzela iNdawo eyodwa, iNdawo eyodwa. Niyabo?

158 Futhi lesi, isiphiwo esincane iNkosi enginika sona, ngukucindezela kulawa makhona amancane. Ungeke uboshwe wonke nemali, nezinhlelo, nezinto ezinjalo. Vele ucindezele emakhoneni amancane futhi uqalise into, yilokho kuphela. Futhi ngi—ngi—ngiyabonga ngalengxenye. Futhi ngijabule kakhulu; UyiSabelo sami, futhi NguYe engimlindile.

159 Manje, uJona wayenethikithi lokwehla, futhi wayefuna ukuya eNineve, lokho uNkulunkulu ambizele ukuba akwenze, kodwa waya eTharishishi. Manje, ucabanga, "Awu, wenza khona impela lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuthi angakwenzi." Kodwa umzuzu nje, uma umprofethi eholwa yiNkosi, njalo kuphuma kahle. Manje, waphuma lapho kwase kukhuphuka isiphepho, ne—nezilwandle lwadlanga, nomkhumbi wawucwila, babopha izandla zikaJona kanye nezinyawo zakhe ndawonye,

base bemphonsa ngaphezu komkhumbi olwandlekazi, nomkhomo wamgwinya.

160 Manje, esikhathini esingeside esedlule, babenomkhomo ulele phezu—phezu kwenqola kaloliwe enkulu ezansi eLouisville, eKentucky, cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, noma mhlawumbe amashumi amabili. Futhi babenikeza isifundo, nosayense omncane owayenikeza isifundo wayehlekisa ngeBhayibheli. Nakhu akusho, wathi, "Manje, ngifuna nina bantu, niyayazi inganekwane. . . " Inganekwane? Leli Bhayibheli aliyona inganekwane, LiyiQiniso. Futhi wathi, "Inganekwane mayelana nomkhomo ogwinya uJona," wathi, "Ngifuna niqaphele, awukwazanga ukuthatha ibheyisibholi elilingana kahle futhi ulifake emphinjeni walowo mkhomo. Ngakho ngokuqondene naleyo nganekwane, akukho lutho kuyo. Lona ngo—omuhle, umkhomo omkhulu ngokwejwayelekile, futhi umkhomo wawungenakugwinya umuntu, ngoba wayengeke adlule ekugwinyeni kwawo. Kunjalo. . . U. . . Okukhulu ongakwelula kungaba amayintshi amane kuphela, ukuthi umuntu ubengadlula kuwo, futhi wayengenakukwenza."

Lokho kwakungaphezu kakhulu kwesisekelo sami sase-Irishi, niyazi, ngathi, "Mnumzane, ngifuna ukusho izwi."

Wathi, "Yebo, mnumzane. Kwenzenjani na?"

161 Ngathi, "Awulazi nje iBhayibheli lakho." Ngathi, "UNkulunkulu wathi Walungisa le nhlanzi, lena kwakuyi*nyoni* eyakhiwe ngokukhethekile. Niyabo? UNkulunkulu walungisa lenhlanzi, yayiwuhlobo oluhlukile."

162 Lena—lena, ya—yayikwazi. . . wa—wawungakwazi ukugwinya indlu uma ufuna. UNkulunkulu angenza lokho Akufunayo. IBhayibheli lathi uNkulunkulu walungisa inhlanzi. O, yayinomphimbo omkhulu kuyo. Niyabo?

163 Futhi ngakho uJona wangena esiswini senhlanzi. Futhi nina manenekazi niyazi manje, lapho niphakela inhlanzi yenu encane esagolide, niyazi ukuthi yenzani na? Yehla ngqo phansi komcengezi omncane, futhi ibeke ababhukudi bayo abancane phansi, futhi iphumule. Sigcwele isisu sayo. Niyabo? Ilele lapho nje iyaphumula. Isiqedile ukudabula emanzini yaze yathola ukudla kwayo, yase yehla yaphumula. Yileyondlela inhlanzi eyenza ngayo, lapho zidla, zigcwalisa isisu, zibuyela emuva. Inhlanzi ithrawuthi lapha izongena ngaphansi kwetshe ndawondawo futhi iphumule. Yileyo indlela. Futhi ngicabanga lenhlanzi enkulu yagcwala isisu ngalomprofethi. Ngakho yehlela emanzini, futhi yehlela ekugcineni, futhi ilale phansi.

164 Manje, ukhuluma ngoJona esesimweni! Wayesesimweni esibi. Inqwaba yabantu bakhuluma ngezimpawu, bathi, "Awu, ngikhulekelwe izolo ebusuku, kodwa a, ngisenabo ubuhlungu." Lokho akuhlanganise lutho nakho. "Ngakhulekelwa, isandla sami sisakhubazekile." Lokho akuhlanganise lutho nakho. Uma

ukukholwa, awukubheki lokho, ubheka isithembiso. Niyabo? Awubheki isandla, yilokho esikubiza ngokuthi izimpawu, ukubheka izimpawu.

165 Manje, akukho-muntu phakathi lapha ongaba nezimpawu njengoJona. Mfowethu, wayenesimo esibi kunazo zonke sezimpawu engake ngazibona. Bhekani lapha. Konke... Manje, wayenjalo—wayengaphandle olwandlekazi, izandla nezinyawo zakhe ziboshwe ngemva kwakhe, futhi wayesesiswini somkhomo, cishe amafathomu amaningana ukujula, elele ebuhlanzweni esiswini somkhomo olwandle olunesivunguvungu. Manje, ukhuluma ngezimpawu! Wabheka nga*le*ndlela, kwakuyisisu somkhomo, nga*leyo*ndlela, kwakuyisisu somkhomo. Yonke indawo ayebheka kuyo kwakuyisisu somkhomo. Akukho muntu kuleso simo esibi lapha. Bukani lokho...Bheka izimpawu ayenazo.

166 Kodwa niyazi ukuthi wathini na? Wathi, "Bayize lamanga. Ngeke ngikholwe lutho kukho." Wathi, "Nkosi," waphenduka ngomhlane wakhe, uhlanzo nxazonke kuye, nezimila zasolwandle entanyeni yakhe, wathi, "ngiyakuphinda ngibheke ethempelini laKho elingcwele." O! Hhayi, "bheka isisu somkhomo," noma isimo, kodwa, "bheka ithempeli laKho elingcwele."

167 USolomoni, ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli wakhuleka, wathi, "Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni noma ngasiphi isikhathi, futhi babheke kulendawo engcwele, khona-ke yizwa useZulwini." Futhi uJona wenza ngokuvumelana nomkhuleko kaSolomoni. Futhi uNkulunkulu, angazi ukuthi Wenzani, Wabeka itende lomoya-mpilo phansi lapho noma okuthize, futhi Wamgcina ephila izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

168 Manje, asi...Asikho kuleso simo esibi, akekho kithi omubi njengoba uJona wayenjalo. Kunjalo, ngoba nanku uMoya oNgcwele lapha. Asikho esiswini somkhomo, asi—sikho kuleso simo. Kodwa uma uJona, ngaphansi kwalezo zimo, wayengabheka ethempelini umuntu alikhulekela lapho elinikela, futhi umuntu owayekhuleka wahlubuka kamuva, futhi uNkulunkulu wayizwa imikhuleko yakhe, kangakanani-ke ngaphansi kwalesi simo singabheka ngaseZulwini, lapho uJesu ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, ehlala ephilelela ukusinxusela ekuvumeni kwethu izono na? He, he! "Ngeke ngibheke ubuhlungu besisu sami. Ngeke ngibheke inhliziyo yami, ishaye ngokuxakile. Ngeke ngibheke isandla sami esikhubazekile. Kodwa ngizobheka ngasesethembisweni, ngokuba Uhlezi lapho njalo ephila ukuze enze ukunxusela." Amen.

169 Ngifuna ukunikhombisa okuthize manje, ngikhombise lapho uNkulunkulu azi khona ukuthi Ukhuluma ngani. Manje,

abantu baseNineve, lelo kwakuyidolobha elikhulu, cishe abantu abayingxenye yesigidi, cishe impela abangubukhulu beSt. Louis, eMissouri, futhi babengabahedeni, babekuzo zonke izinhlobo zesono. Babekhonza izilwane, nezithixo, nakho konke, futhi babe . . . umsebenzi wabo kwakungabadobi. Futhi ngakho umkhomo wawungunkulunkulu wolwandle.

170 Ngakho bonke babephumile cishe ngehora leshumi nanye nqo bedoba, bonke abadobi bedonsa amanetha abo lapho, phakathi olwandle, futhi into yokuqala niyazi, kwenyuka unkulunkulu wolwandle, umkhomo, wagijima wenyukela osebeni, wakhotha ulimi lwawo, nomprofethi uyeza ehamba ephumela ogwini. Impela baphenduka. UNkulunkulu wayazi ukuthi kufanele enzeni. UNkulunkulu uyazi ukuthi zenziwa kanjani izinto kubantu abafuna ukukholwa. Niyabo?

171 UJona wayengaphumile entandweni kaNkulunkulu. Niyabo, unkulunkulu-mkhomo wakhafula umprofethi ngqo osebeni, uqinisekile ukuthi bazowukholwa uMlayezo wakhe. Nanguya ephuma.

172 NoJesu wakusho lokho, niyazi, ukuthi kwakukhona omkhulu kunoJona lapho. Kodwa qaphelani Akusho. Manje, kancanyana ngaphambi kokuba siye kwenye indaba. Bukani. UJesu wathi . . . Bathi, "Nkosi, sithanda ukubona isibonakaliso." Amavesi amathathu ngemuva kwalapho engiqala khona ukufunda. "Nkosi, sithanda ukubona isibonakaliso."

173 Wathi, "Isizukulwane esibuthakathaka nesiphingayo sifuna isibonakaliso." Ngabe kunjalo na? Futhi Wathi, "Ngeke kube nesibonakaliso esinikezwa leso sizukulwane," manje, lalela, eduze. Bangaki abazi ukuthi—ukuthi umBhalo Uyaziphinda njalo njalo na? Siyakwazi. Futhi Wathi, "Akuyibakho sibonakaliso esinikwa leso sizukulwane esibuthakathaka, esibi, nesiphingayo," yilesi sizukulwane.

174 Akukaze kubekhona okuningi kangaka, emhlabeni wonke, kobubi nokuphinga njengoba kukhona khona manje, ukuhlanekezela. Awu, ungqingili, ukuhlanekezela, abesifazane ezitaladini, behundulile, konke . . . Wena . . . Imbi kakhulu nje indlela abantu abenza ngayo emhlabeni wonke, futhi ikakhulukazi e—kuma State. Futhi sekuba kubi nakakhulu eCanada, kubi kakhulu, kepha kuyiqiniso. Lesosizwe esikhulu, lesi sizwe esincane siyiphethini kuso, ungathathi iphethini yakho kubo, thatha iphethini yakho phezulu *Lapha*, uKristu.

175 Qaphelani. Futhi babelapho-ke, ababi . . . Wathi, "Ngeke kube khona . . . " Manje, lalelani, eduze, ukuze ningakugeji. "Bayokwemukela isibonakaliso. Njengoba uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo iNdodana yomuntu iyakuba senhliziyweni yomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu." Bayosemukela lesosibonakaliso. Yini . . . ? Isibonakaliso

sokuvuka. Niyakutholana? Yilokho impela esikutholayo manje, isibonakaliso sokuthi Akafile, Uvukile kwabafileyo naphakathi kwethu, enza izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Nesizukulwane esibi nesiphingayo, niyabo, sasiyosemukela lesosibonakaliso.

176 Khona-ke, okukodwa futhi, sivala. Wathi, "Indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesi sizukulwane, isilahle. Ngokuba yavela emikhawulweni yezwe izokuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi bheka kukhona lapha omkhulu kunoSolomoni."

177 Manje lalelani, sengivala. Esizukulwaneni sikaSolomoni, uNkulunkulu wanika umhlaba isiphiwo, futhi leso kwakuyisiphiwo sokuhlukanisa, futhi sehlela phezu kukaSolomoni, futhi bonke abantu bakukholwa ngenhliziyo eyodwa. Kuthiwani ukube bonke abantu namuhla bebengakholwa na? Ukuba-ke iCanada, ne-United States bebengasikholwa iSiphiwo sabo uNkulunkulu abathumele sona, uMoya oNgcwele na? Ukuba-ke bonke abantu ababezibiza ngamaKristu baSikholwa nje na? Ngani, besingeke sikhathazeke ngamabhomu e-athomu aseRussia nazo zonke lezozinto.

178 Awu, thina. . . Awusoze ukwazi ukumba uphume endleleni yebhomu le-athomu. Awu, into. . . Abantu bamba imigodi, futhi ezansi eZifundazweni behla emigedeni futhi benza amahhovisi kahulumeni. Awu, lelobhomu le-athomu, lelo abanalo manje elizoqhumuisa umhlaba, ngikholwa ukuthi lingamafidi angamakhulu amathathu noma amane ukushona, futhi lingamamayela ayikhulu namashumi amahlanu isikwele. Awu, ukuba ubungamafidi ayizinkulungwane eziyishumi ngaphansi komhlaba, uthi ngqu phansi obindizeni, beluyophula wonke amathambo emzimbeni wakho. Awukwazi ukumba kude nayo.

179 Kodwa sinesikhoselo sebhomu, asenziwanga ngensimbi, senziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe, amen, aphakanyiswe. Kulungile. Lapho lokho. . . Ngaphambi kokuba lelobhomu liqathake, sizobe sesiseNkazimulweni. Kwenzenjani na? Manje, bese bethi siyahlanya. O, uma ngihlanya, ngiyeke nginje, ngizizwa ngingcono ngalendlela. Ngakho nje ngi. . . Ngithanda ukuhlala ngalendlela.

180 Manje, qaphelani. Manje, ngesikhathi sikaSolomoni, wonke umuntu wasikholwa lesosiphiwo, o he, wonke umuntu. Babengahambi bethi, "O, u, o, i-Assemblies, futhi u, o, *lokhu*, futhi u, o, *lokho*." Qhabo, bonke babesekuvumelaneni kunye, bakukholwa.

181 Futhi ukuthi wonke umuntu ufika kanjani. . . ngoku. . . Babengenazo izindiza zamajethi nezinto ngalezozinsuku, babefanele bahambe benqamula amakharavani amakameli. Futhi lapho bedlula, babethi. . . yehlela kwezinye izingxenye

zomhlaba, uthi, "Benifanele nizwe enhla ePalestina, banoNkulunkulu phezulu lapho, nalowoNkulunkulu Uzazisa ngomuntu."

182 Manje, niyabo, ukukhonza kobuhedeni kungukukhuleka phambi kwesithixo, unkulunkulu ocatshangwayo, futhi ukholwe ukuthi unkulunkulu ocatshangwayo ukhuluma nawe. UbuKristu buphambene, uNkulunkulu uthatha umuntu ophilayo okhuleka phambi kwaKhe, futhi ukhuluma amaZwi aKhe uQobo ngomuntu ophilayo, hhayi ngesithixo. Ujika nje asuke ekukhonzeni kobuhedeni, ukukhonza izithombe, aye ekukhonzeni komKristu.

183 Manje, bathi, "Banendoda phezulu lapho uNkulunkulu wabo, abamkhonzayo, ukhuluma ngaleyondoda ngokuhlukanisa." O, kwahamba yonke indawo zonke izizwe zabesaba, bathumela izipho nakho konke. Azikho izimpi ngesikhathi sikaSolomoni. Qhabo, waye—waye... babecabanga ukuthi wayehlakaniphe kakhulu. Kwakungeyena, kwakunguNkulunkulu, uMoya oNgcwele okuye owawumenza ahlakaniphe.

184 Manje, lezozindaba zehla zanqamula emhlabeni zangena ezweni laseSheba. Futhi uma uzokala kwibalazwe lakho, kukude phansi lapho, ngaphesheya koGwadule lwaseSahara. Futhi lendlovukazi encane engumhedeni, yayingumhedeni, nabantu bangene, bethi, "O, benifanele nibone enhla lapho ePalestine, *ukuthi-nokuthi*, no*kuthi-nokuthi*." He, bacabanga kanjani ngalokho!

185 Manje, niyazi, ukukholwa kuvela ngo, ini? Ukuzwa iZwi likaNkulunkulu. Manje, owesifazane omncane uyothi, "Ini?" Uyamazi uNkulunkulu kuye, wayekholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, futhi ngakho ngenkathi lokho kukholwa kuqala ukumthinta, ukuthi wayekhona oYedwa, waqala ukuMfuna. Futhi wonke umuntu wayengena, lapho bengena embusweni wakhe, udwendwe lwamakameli ludlula, niyazi, abahwebi, nokunye nokunye, nosilika namalineni, nokunye nokunye, nomkhiqizo, nanoma yini ababenayo, bedlula, ngani, wayebabizela esigodlweni sakhe, athi, "Udlule ngendlela yasePalestine na?"

"Yebo."

"Ingabe kunjalo na?"

186 "Kunjalo, kunjalo. Awusoze...Labobantu banhliziyonye futhi banenhliziyo eyodwa. Awukaze ukubone okunjalo empilweni yakho. UNkulunkulu wabo ubanike isiphiwo futhi esibonakalisa ngomuntu, futhi bamenza lowomuntu inkosi yabo. O, he. Bonke bayakukholwa, bonke."

"Awu, ukwazile ukukubona na?"

"Yebo."

"Ingabe kunjalo?"

"Impela, kunjalo."

187 O, he. Ifuna ukukubona-ke, niyazi, lapho uzwa ngakho. Manje, wanquma ukuthi waye. . .Wayithola yonke imiBhalo egoqwayo, futhi waqala ukufunda lokho lowoNkulunkulu ayeyikho. Niyabo? Wayengumhedeni, futhi waqala ukufunda ukuthi uJehova wayeyini, wabona imvelo yaKhe. Wathi, "Khona-ke lokho kufanele kube yimvelo kaJehova eZiveza kulomuntu, ngoba uJehova, bathi, uhlakaniphe kakhulu, futhi Ubikezela izinto."

188 Ngakho-ke, njengoba eyindlovukazi, kuningi okwakumelwe adlule kukho, kwadingeka aye kumpristi wakhe ongumhedeni ayocela imvume yokuphuma esontweni lakhe. Awu, niyazi ukuthini? Sengiyambona lowompristi ongumhedeni, wathi, uyazi, "Kepha uyabo, bheka lapha, Girlie, uyindlovukazi, awukwazi ukwehla nalelo qembu elingafundile," uyazi, "awukwazi ukwenza lokho, uyindlovukazi. Futhi bona . . . Uyazi ukuthini? Ngani, uyazi, bekungaba . . . uyophuma ezingeni lakho uqobo uma wehla."

Futhi wathi, "Kodwa, mnumzane, ngifuna ukuhamba. Kukhona okungitshela ukuthi ngifuna ukuhamba."

189 "O, kodwa thina. . .ungeke ukwenze, mntwana, ungeke ukwenze. Manje, lalela, siyazi basho zonke lezinhlobo zezinto phezulu lapho, 'Bawela uLwandle oluBomvu, futhi loma, futhi— futhi banisa isinkwa esivela eZulwini.' Kodwa, izinganekwane nje, akukho lutho kukho."

190 Uyamuzwa lowodeveli ofanayo omdala ekhuluma namuhla. Udeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya wakhe. UNkulunkulu akawuthathi neze uMoya waKhe futhi. Angahle athathe umuntu waKhe, kodwa uMoya oNgcwele wawukuKristu, wabuyela eBandleni kuze kube sekupheleni kwezwe ukwenza into efanayo.

191 Qaphelani. Manje, lezozifundiswa ezindala nezinto zalolosuku, nalesosigejane esikhulu esidala sabaFarisi, basaphila, umoya wabo uphezu kwabanye ngqo, niyabo, noMoya kaNkulunkulu usaphila ngokufanayo nje, eqinisekisa iZwi laKhe, eqhubeka. Kuya ngokuthi yini ofuna ukuyikholwa, yilokho kuphela.

192 Manje, uma siqaphela. . .Wabe esethi, "Manje, ayikho into enjalo." Wathi, "Manje, uma bekukhona noma yini kulokho, izithixo zethu, ibandla lethu belizobe likwenza."

193 Niyakuthola lokho, into efanayo namuhla, "Manje, uma kukhona noma yini ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ibandla elikhulu lika*S'bani-bani* lingakukholwa, ibandla elikhulu lika *S'bani-bani* lingakwenza. Niyabo?" Kodwa niyazi, uNkulunkulu wenza izinto ezifanelana naYe. Akumele abuze

muntu ngakho, Unguye Onele ngokwaKhe, niyabo, Akadingi ukubuza muntu. Ngakho uNkulunkulu wayekwenza.

Niyazi, inhliziyo yakho encane iqala ukulambela uNkulunkulu, akukho okuzoyivimba. Futhi wathi, "Mnumzane, ngiyahamba noma kanjani."

"Awu, uma wenza, ngizokunika incwadi yakho yebandla."

194 Wathi, "Ungase futhi uyinikeze, ngoba ngisendleleni yami." Ngakho yena owesifazane...Niyabo, akukho okuzomisa umuntu oza kuKristu oMkholwa ngempela. Lapho uzwa iZwi likaNkulunkulu, futhi wazi ukuthi Liyahamba, akukho okuzokuvimba, yilokho kuphela, uyeza noma kanjani.

195 Futhi manje khumbulani, lelonenekazi elincane lalinobunzima obukhulu. Manje, ngiyambona epakisha amakameli akhe, futhi nakhu wacabanga ngokuthile, wathi, "Manje, linda kancane, uma lokho kunjalo ngempela... uma leso siphiwo silungile, khona-ke ngizoseseka." Ngakho wathola igolide eliningi, nempepho, nezinto, futhi wakupakisha emakameleni. Wathi, "Ngizohamba nakho, kodwa uma kungenjalo, khona-ke ngizobuya nemali yami."

196 Lokho kungafundisa abantu bePentecostal okuthize, ukusekela imihlangano, nemihlangano o—ozonda yona impela into oyimeleyo, udedele ibandla lakho uqobo liphume lingenakho. Bakwenza eStates, ngethemba ukuthi nina baseCanada anikwenzi, kodwa bakwenza ezansi lapho futhi ukuze nje bathandwe ngabantu, "Nginikeza *ukuthi-nokuthi kothile-nothile*." O he, ubisi olwenguliwe.

197 Qaphelani. Manje, nangu wayekhona. Wahlanganisa konke, futhi wakubeka emakamelini akhe, yonke leyo mali, igolide elibiza izinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane zamadola. Futhi khumbulani, abantwana baka-Ishmayeli, ama-Arabu, babengababaphangi ogwadule ngaleyonkathi. Kwakuyoba lula kanjani kubo ukuba, labo bagibeli bamahhashi abahamba ngobuningi ukugibela bangene ngqo futhi babulale lesosigejane sabaqaphi abancane abazungeze leyondlovukazi, futhi—futhi bathathe leyo mali, futhi bandize bahambe emizuzwini emihlanu!

198 Kodwa niyabo, uma uzimisele ukwazi uNkulunkulu, akukho kwesaba okwaziyo. Ukukholwa akwazi kwesaba. Kunjalo na? Awukhathali ukuthi udokotela uthini, ukuthi noma ubani omunye uthini, uyakukholwa. Niyabo? Futhi wayengacabangi ngababaphangi, na*lokhu*, *lokho*, no*kunye*, wayecabanga ngukuya lapho futhi abona uNkulunkulu esebenza kumuntu.

199 Futhi manje, khumbula yona...Ucabanga ukuthi kwamthatha isikhathi esingakanani lowo wesifazane na? Wayingenayo iCadillac enesishayisamoya sikagesi ukuba angene kuyo, qhabo, kwakufanele igibele ngemuva lekameli. Niyazi ukuthi kwaluthatha isikhathi esingakanani udwendwe

lamakameli ukusuka eSheba ukuya ePalestine na? Izinyanga ezintathu, izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, edabula ogwadule olushisayo lwaseSahara, indawo eshisa kunazo zonke emhlabeni, emhlane wekameli, ezama ukuza ukuzobona isiphiwo sikaNkulunkulu. Akumangalisi uJesu athi iyovuka ekwaHlulelweni futhi isilahle lesisizukulwane. Niyabo? Kungenzeka ukuthi wahamba ebusuku, emini walala endaweni enamansi ogwadule futhi afunde imiBhalo egoqwayo, imiBhalo, ukubona ukuthi uJehova wayeyini. Wagcina efikile emasangweni.

200 Akazange afike, athi, "Awu," njengoba kwenza abantu namuhla, "ngizongena ngihlale phansi, uma esho into eyodwa ephambene nenkolelo yami, ngizosukuma khona lapho ngiphume." Lokho kukhombisa ukungazi. Kunjalo. Kodwa ufikela ukuzohlala aze akholiseke. Wayelifundile iBhayibheli, ubona ukuthi uJehova wayesho ukuthini, nokuthi uJehova wayeyini, nalokho uJehova ayekuthembisile. Wayefuna ukubona ukuthi uJehova, ababekhuluma ngaye, wayekuleyo ndoda yini.

Futhi ngicabanga ukuthi umpristi wakhe wamtshela, wathi, "Awu, manje buka lapha, nangu uDagoni wethu omkhulu, nasi isithixo sethu esikhulu lapha."

201 Wathi, "Yebo, ukhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokha wabakhonza, futhi abenzanga lutho kodwa bema lapho njengesifanekiso ngaso sonke isikhathi. Abaphefumuli, abanyakazi, akukho okwenzekile. Futhi bathi loNkulunkulu unguNkulunkulu ophilayo, enza okuthize." Amen. Yilokho-ke. Amen.

202 Ngizizwa ngithi ukuba nenkolo khona manje, yebo. UNkulunkulu ophilayo, hhayi ofile. Usiza ngani uNkulunkulu ongavula uLwandle okuBomvu, uma Engakwazi ukwenza okufanayo namuhla na? Kumsiza ngani uNkulunkulu obengaphulukisa onochoko ezinsukwini ezedlule, uma Engakwazi ukwenza okufanayo namuhla na? UNkulunkulu womlando akalungile, uma Engeyena uNkulunkulu ofanayo namuhla. Kunjalo. UnguNkulunkulu ofanayo namuhla, izolo, namuhla, naphakade, Ofanayo kuphela, ecela ukukholwa okufanayo kuphela abakubonisayo.

203 Manje, usethempelini, uthulula impahla phandle lapho egcekeni lethempeli, wagxumeka amatende akhe, wabeka imali yakhe ekhoneni, wabeka abathenwa bakhe abancane ukuba bayigade. Futhi ngakusasa ekuseni, mhlawumbe wavuka ekuseni kakhulu, yena nezincekukazi zakhe ezincane ezazinaye, futhi bangena bahlala phansi, mhlasimbe emuva le ngemuva kwebandla. Futhi bawacula wonke amaculo, futhi kwashaywa amacilongo nakho konke, kwathi emva kwesikhashana uMelusi Solomoni waphuma.

204 Bonke abantu basho kanjani, "O, akabongwe uNkulunkulu, nanguya umelusi wethu." Base bephuma, uMelusi Solomoni emsamo. Futhi waqaphela ngalolosuku, zona impela izinto ayezizwe zishiwo, zenzeka.

205 Futhi usuku nosuku wahamba efunda imiBhalo egoqwayo. Walinda laze labizwa ikhadi lakhe lomkhuleko, kumbe noma kwakuyini ayefanele akhuphukele lapho, isikhathi sakhe sokuhlangana noSolomoni. Futhi lapho esukuma phezu kwe...lapho ngaphambi kukaSolomoni, iBhayibheli lathi kwakungekho lutho olwalufihlwe kuSolomoni, wembula konke ayefuna ukukwazi.

206 Akusiye yini lowo uNkulunkulu ofanayo owayekuKristu, owayazi izimfihlo zenhliziyo na? Wathini na? Waphenduka, manje, engumhedeni, waphenduka, futhi wathi, "Konke engakuzwa kwakuyikho, futhi ngaphezu kwalokho." Kwakwenziwe kuye, niyabo, wayengufakazi wakho. Into efanayo uNathanayeli nabo abayibona (izolo ebusuku) kuJesu, enza into efanayo, embula izimfihlo zenhliziyo, lapha, eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu ngaphambili, qhabo, cishe iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili ngaphambi kokuba kwenzeke, lapha kwakumi uSolomoni enza into efanayo uKristu ayenza ngenkathi Efika. NguNkulunkulu ofanayo. Niyabo?

207 Wathini na? "Babusisiwe abanawe ababona lesi siphiwo sisebenza ngaso sonke isikhathi. Abusisiwe amadoda ahlala lapha nsuku zonke, futhi abone lokho kwenzeka ngaso sonke isikhathi." Futhi uba yikholwa.

208 Futhi uJesu wathi uyovuka ngezinsuku zokugcina futhi uyosilahla lesisizukulwane, ngoba wavela emikhawulweni yomhlaba ukuze abone isiphiwo sikaNkulunkulu sisebenza, futhi wasikholwa, futhi abantu, namuhla, ngeke bahambe bewele isitaladi. Kunjalo. Ngeke bashayele imoto enhle ukuya emhlanganweni, uma noma yini, bazohlekisa ngakho. Futhi yena kanye uKristu wabikezela ukuthi isizukulwane esibi nesiphingayo esasiyobe sifuna izibonakaliso sasizomukela isibonakaliso sokuvuka. Akumangalisi. Kwakuyini inkinga na?

209 Sengivala, ngisho lokhu, ubone into ethize yangempela. Yilokho amakholwa angempela afuna ukukubona, into engeyangempela. Khumbulani, yona impela into esindisa ikholwa langempela, ilahla futhi ithumele esihogweni, ongakholwayo. Wona kanye amanzi asindisa uNowa, aminzisa ongakholwayo. Ukwahlulela okufanayo okwasindisa ikholwa, kwabulala ongakholwayo. UMoya ofanayo, namuhla, ikholwa eliwemukelayo, uyolahla, ngoSuku lokwaHlulelwa, ongakholwayo. Niyabo?

210 Indaba encane nje kubafowethu abangamaNdiya, nabo bonke. Ngithanda ukuzingela. O, ngithanda ukuzingela nje!

He, he, lokho—lokho kuyimvelo yami yesibili, ukuguquka kwami akuzange kukukhiphe lokho kimi. Futhi ngi—ngithanda ukunitshela indaba encane yokuzingela khona lapha, lapho uNkulunkulu angitshela khona ncamashi, umelusi wenu, uMfowethu Byskal, uyakukhumbula, uMfowethu Sothmann, emuva lapho, lapho Wangitshela khona impela engangizokwenza, lapho engiyoya khona, inyamazane ezimpondo ezingamagatsha engizoyithola, lapho ezobe elele khona, indoda yayizobe igqoke ihembe eliyisikoshi eliluhlaza satshani, futhi ngiyobulala ibhere elimpunga ngaphambi kokuba ngibuye. Kunjalo na? Kunjalo, Mfowethu Sothmann? Amakhulu abantu engibatshelile.

211 Ngaya khona lapho, no-Eddie wangizwa ngikusho, ngosuku olwandulela ukuthi sihambe, ezansi lapho. Ezinsukwini ezimbili kamuva, wama khona lapho futhi wabona konke nokuncane kwakho kufezeka, ncamashi. Ngabatshela, ngathi, "Izimpondo zizoba ngamayintshi angamashumi amane nambili ncamashi ukuphakama."

212 Nomqaphi wathi, "Amashumi amane nambili ncamashi?" Wathi, "Mfowethu Branham, emva kwalokho. . . " Wathi, "Likuphi lelo bhere elimpunga phezulu phezu kwale ntaba na?" Wathi, "Mfowethu Branham, ngokwalokho ongitshele khona, ukuthi uzobulala ibhere elimpunga ngaphambi kokuba ubuyele lapho emi khona u-Eddie Byskal egqoke ihembe eliyisikoshi eliluhlaza satshani." Nomkakhe wayelifake esikhwameni sokukhempa, futhi wangitshela ukuthi wayengenalo ngisho nelilodwa.

213 Ngathi, "Awu, khona-ke, kuzoba nomuntu ozoba nalo, ngoba lizoba lapho." Futhi wayegqoke lelohembe eliyisikoshi eliluhlaza satshani.

Wathi, "Ngaphambi kokuthi sibuyele lapho na?"

Ngathi, "Lokho. . . "

214 Wathi, "Mfowethu Branham, nganginomfowethu owayenesifo sokuwa, futhi wangitshela, ngenkathi wayesenalokhu ukudlikiza futhi, ukuba ahluthule ihembe lakhe futhi aliphonse emlilweni, futhi wayengeke esaba naso." Awu, wakwenza, futhi uNkulunkulu wamphulukisa kuso. Manje, wathi, "Khona-ke angikwazi ukungakukholwa. Kodwa lizoba kuphi lelo bhere na?"

215 Ngathi, "UnguJehova-jire, Angazihlinzekela ibhere ukwenza iZwi laKhe lifezeke." Futhi lapho sesicishe sibe isigamu semayela ukusuka kubo, sicishe sibe ngamamayela amathathu ukusuka kubo, sasingaba yisigamu semayela ukusuka kubo. Bengimile. . .

Wathi, "Mfowethu Branham, sisanda kuthola isigamu semayela ukuya phambili. Likuphi ibhere na?"

Ngathi, "Ungakwenzi. . ." Ngathi, "Kuyini lokho, Bud?" Kwakukhona elingamafidi ayisishiyagalolunye, ibhere elinomhlwenga ompunga limi phezulu egqumeni, libheke kimi ngqo.

Wathi. . .Safika emayadini angamakhulu amahlanu, wathi, "Mfowethu Branham, wake walidubula elimpunga na?"

Ngathi, "Ngidubule amabhere amaningi."

Wathi, "Kungcono ulidubule ulapha."

Ngathi, "Qhabo, umbono uthe ngangiphezu kwalo ngqo."

Wathi, "O, Mfowethu Branham!" Wathi, "Lidubule emhlane manje," wathi, "ngoba uma ungalidubuli emhlane, ayizilwi ezinkulu."

Ngathi, "Ngiyazi, kodwa leli embonweni ngilidubule enhliziyweni."

Wathi, "O!"

Futhi ngathi, "Qhubeka nje, Bud."

216 Sangena kwesinye isihoshana esincane, senyuka, futhi khona-ke sasesiseduze nalo impela, cishe amafidi angamakhulu amabili, ngathi, "Lokhu kulungile nje." Ngathi, "Linda lize liqalaze." Kubukeka sengathi isitaki esikhulu sotshani bemfuyo. Laphenduka, langibuka.

217 Nganginesibhamu esikhulu esincanyanyana, futhi lapho nje liphenduka lingibheka ngalidubula ngqo enhliziyweni, futhi nali ligingqika egqumeni kanjalo, ngamandla elalingeza ngawo, kanjalo. Futhi uBud wema lapho, waphenduka waba mhlophe emlonyeni, wathi, "Mfowethu Branham, bengingalifuni emathangeni ami."

Futhi ngathi, "Nami angizange." Lapho. . .

Wathi, "Manje, uma lezozimpondo zingamayintshi angamashumi amane nambili impela lapho sengifika ezansi lapho, ngizoba nokudazuluka kokuquleka."

Ngathi, "Kungcono ube nakho khona lapha, ngoba kuzoba ngaleyondlela."

Wathi, "Nginesilinganiso esikhwameni sesihlalo sami sehhashi."

218 Futhi sehlela lapho. Umbono wathi i—isandla esincane siyobamba izimpondo. Ngasukuma eduze koMfowethu Eddie lapho, ngathi, "Manje, bhekisisa lowomfana ebambe lolophondo." Futhi wazungeza futhi wathatha leyo teyipu yokulinganisa, wayikhipha, wayibeka phansi phezu kwekhanda, lesosandla esincane, umfana wakhe, uBlaine, walubamba, wenyukela lapho.

UBud wathi, "Bakithi, Mfowethu Branham, ulilahle phansi, amayintshi angamashumi amane-nambili."

219 Ngathi, "Bud, Akalokothi ehluleke, ngisho ukuthi, Usho nje ngqo. . . ncamashi nje." O, UnguNkulunkulu! Lapho singabona into engeyangempela noqobo! Yilokho leyo ndlovukazi eyayifuna ukukubona, into yangempela.

220 Ngangivame ukuzingela nomfowethu ongumNdiya ingxenye, igama lakhe nguBert Call. UngowaseBrithani, futhi uhlala phezulu lapha, noma, iNgisi, uhlala enhla eNew Hampshire. Umzingeli omkhulu, ngiyakuthanda ukuzingela naye, awudingeke uzilulaze ngokumyeka alahleke, wayeyazi indlela yakhe ebuyayo. Futhi thina. . . Kodwa wayeyindoda enonya kunawo wonke engake ngayibona empilweni yami, lowomfo wayekhohlakele ngempela. Wayenamehlo angathi awesibankwa, futhi wayehlale engibuka ngalawomehlo ezibankwa, futhi angethuse ngife noma kanjani.

221 Kodwa wa—wayevame ukuthi kimi. . . Wayevame ukudubula amazinyane amancane, niyazi, amazinyane ayizingane ezincane. Manje, kulungile, ngibulale amazinyane lapho. . . Uma umthetho uthi ungalibulala izinyane, libulale, lokho kulungile. U-Abrahama wabulala ithole walinika uNkulunkulu. Akukho lutho ngobukhulu banoma yini, noma ubulili bayo, kodwa nje ukuwabulala ukuze ube nonya, lokho akulungile. Awufanele ukwenze, uvele ubulale ukuze ube nonya.

222 Leyo yinto eyodwa ngeNdiya, isizathu sokuba labe ngumlondolozi wemvelo omkhulu esake saba naye, wathatha lokho nje okwakufanele akusebenzise, uma ebambe okwengeziwe, wayekukhulula. Umlungu wayengumbulali, baphuma, badubula izinyathi zaphela, kanjalonjalo, befuna izisulu. Lowo ngumuntu omubi, wenza izinto ezinjalo.

223 Kodwa uBert wayevame ukuzidubula ukuze nje azijabulise, ukuba angenze—angenze ngizwe kabi. Wathi, "Nina bashumayeli ninenhliziyo yenkukhu." Ngakho-ke yilokho i. . . Uyazi ukuthi yini i. . . ? Ngabe lelogama lisetshenziswe phezulu lapha, *onenhliziyo yenkukhu* na? "Onenhliziyo yenkukhu." Wathi, "Yileyo—yileyo indaba ngani bashumayeli."

224 Ngakho ngolunye usuku ngenyukela lapho. Futhi wayezenzele ikhwela elincane, ukuze izwakale njengezinyane elincane eliyingane, enalokho kuthi "brrr" okuncane, wona. . . ekhala, sengathi ayekhalela umami.

Futhi ngathi, "Bert, ubungeke ukwenze lokho."

Wathi, "O, wena mshumayeli onenhliziyo yenkukhu." Wathi, "Billy, ubungaba umzingeli omuhle ukuba ubungesiye umshumayeli."

Kodwa ngangifanele ngithole izinyamazane zakhe ngayo yonke ikwindla noma kanjani, niyabo, ngakho nga—ngavele ngamdedela wahamba. Ngakho ngathi, "Bert, ubungeke ukwenze lokho."

Wathi, "Yini engalungile ngokubulala izinyane?"

225 Ngathi, "Lutho, kodwa ukuyidubula nje uyishiye ilele lapho, uye ngale futhi udubule enye, ukuzenza nje ube nonya," Ngathi, "lokho—lokho kubi, Bert. Awufanele ukwenze lokho. Leyo izokhula ibe yinkunzi enkulu ngolunye usuku, mhlawumbe inyamazane yensikazi, ibe nezinye izinyamazane amadiye eziningi. Ungahle ube nabantwana ngolunye usuku, ufuna ukuzingela," nokunye nokunye.

"Cha, umbhedo," washo, ekhohlakele ngakho konke.

226 Ngakho ngalolo suku kwase kulayithi kakhulu, futhi sinenyamazane idiye enomsila omhlophe phezulu lapho, futhi ukhuluma ngeHoudini njengengcweti yokuphunyuka, iyimfunda makhwela kweye yazo. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] Mfana, izobe isihambile *kanjalo*. Wawufanele usheshe, futhi uphuthume, nokudubula okunembayo ukuba kuyishaye, bese kuthi-ke, emva—emva kokuba sezidutshuliwe izikhathi ezimbalwa.

227 Ngakho kwakuthi akube ngasekugcineni kwenkathi yonyaka, futhi sasizingela konke ukusa, kungekho ngisho umzila, cishe amayintshi ayisithupha noma ayisishiyagalombili eqhwa. Futhi sihlala siphatha ujeke weflaski ogcwele ushokoledi oshisayo, lapho uma sibanjwa yisiphepho ebusuku, noma okuthize, sasilokhu sihamba kahle, ngakho futhi sasinesemishi ejazini lethu.

228 Futhi cishe ngehora leshumi nanye nqo, futhi ngacabanga, "Awu, asikaze siwubone ngisho umzila, noma lutho." Ubusuku bokukhanya kwenyanga, futhi ziyodla esikhathini sasebusuku, niyazi, ukudla, nokuhamba emini, zilala ngaphansi kwenqwaba yotshani obuyivukuzi, emuva emithini yamapulangwe eminyene.

229 Futhi ngakho sasisukuma, eduze kwemithi yamapulangwe futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe...noBert wayehola indlela. Futhi sasikhuphukela esiqongweni sentaba, khona-ke wayehlukana futhi ahambe ngenye indlela, nami ngenye. Futhi sasifika, mhlawumbe sizongena ngalobobusuku noma ngakusasa ekuseni, okukodwa, futhi sabulala inyamazane idiye esasingazi ukuthi siyoyithathaphi, nokunye nokunye, uthathe ihhashi uyilandele. Ngakho-ke, ngacabanga, waye...

230 Ufika esikhaleni esincane cishe esiphindwe kathathu noma kane ubukhulu balesisakhiwo lapha, futhi wathi ukuququda phansi phezu kweqhwa elikhukhulekayo, wathi ukuququda. Lelo gama alisetshenzisiwa lapha, liyasetshenziswa na? Ngingowaseningizimu. Ngamanye amazwi, waqoshama? Waqoshama phansi *kanje*. Futhi we—wehlela lapho, futhi wafinyelela ngemuva ebhantshini lakhe. Ngacabanga ukuthi wayezothatha isemishi lakhe, futhi ngakho ngangena ngilanda elami. Ngacabanga, "Awu, sizokwehlukana lapha,

ngizohamba ngenye indlela naye ngenye, futhi ngizingele emuva kulentambama."

231 Futhi walula isandla wakhipha lempempe encane. Ngathi, "Manje, Bert!" Futhi wangibuka, lawomehlo ezibankwa engibuka, futhi ethi ukubhuqa, lokho kuhleka kokubhuqa okuncane ebusweni bakhe, futhi wakhipha leyompempe encane *kanjalo*, wayishaya, nalapho eseyshayile, insikazi enkulukazi yediye yasukuma ngaphesheya nje kwendlela, ngaphesheya kwaleso sikhala esincane.

232 Ngacabanga, "A-o. O, yenza umnyakazo omubi-ke." Manje, lokho kuyaxaka, ngeke bakwenze lokho ngokuvamile, nina bazalwane abangamaNdiya niyakwazi lokho, lapho zizingelwa.

233 Futhi khona-ke, wangibuka, nalawomehlo esibankwa, wayehleka, futhi waphinda wayishaya futhi, nalowomama wensikazi wahamba waqonda ngqo kuleso sikhala. Manje, lokho kuyinqaba ngokuphelele kuzo, lapho, ukwenza lokho.

234 Manje, insikazi ingumama wenyamazane idiye, niyazi. Ngangiwabona owayo amakhulu. . . Ngisondela ngokwenele ukuba ngibone amehlo ayo amakhulu, lawomadlebe amakhulu abheke phezulu, anomusa kakhulu. Yaphuma yaqonda lapho. Manje, kwakuyini inkinga na? Yayingabukisi, yayingumama, yazalwa ingumama. Umzwelo luka*mama* lwalukuyo, nengane yayo yayikhala, yayingenandaba ngokwesaba lutho, yayiza ukuzofuna ingane yayo.

235 Futhi asikaze siphathe igobolondo embhobhweni, ngakho-ke wafaka igobolondo phezulu, i.30-06, inhlamvu enezinhlamvana eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili . . . ikhowa, wayidonsela phezulu lapho, futhi wayenemba. Futhi lapho i. . . KwakuyiModel 70 Winchester, futhi kwathi lapho edonsa ingcipho phansi kanjalo, ukuchofoza kwesibhamu, inyamazane yathuka, yabuka, futhi yabona umzingeli, kodwa ayizange ibaleke.

236 Manje, niyazi ukuthi lokho kuyamangaza. Kodwa yayingumama, umntanakhe wayesenkingeni, futhi yazalwa ingumama, futhi yayizingela ingane yayo. Futhi yabuka lowomzingeli, futhi yona, ikhala elikhulu liphakeme, ibuka *kanjalo*, izama ukuthola ingane yayo. Yena. . . Yayiyizwile ikhala, yayingazenzisi, kwakungokoqobo. Yayingumama.

237 Ngiyambona egwaca phansi, ukunemba, futhi ngacabanga, "O, he. Uzosakaza inhliziyo yayo ithi ngqu kolunye uhlangothi. Angayikhohlisa kanjani kanjalo na? Angaba nonya kanjanii ukwenza lokho na? Eshaya leyompempe, futhi ekhipha leyonyamazane idiye engumama futhi ayidubule, kuyangabazeka ukuthi yayiyoke imngenise."

238 Futhi ngacabanga, "Leyonhliziyo eqotho yaleyonyamazane idiye iyoshaywa iphume kuyo." Futhi ngabheka, futhi ngambona egwaca phansi kahle, ngacabanga, "Ngokushesha lapho lolothi

kuleso sipopolo ludluola ngqo kuleyo nhliziyo ethembekile, wayeyoyishaya ithi ngqu uphume kuyo." Ngafulathela, angikwazanga ukukubuka.

239 Futhi ngaqala ukukhuleka, ngathi, "Baba waseZulwini, angakwenza kanjani na? Angakwenza kanjani, Nkosi na? Futhi ngeke angilalele ngikhuluma ngaWe." Ngathi, "Angakwenza kanjani na?" Futhi ngangilapho ngithi ukukhuleka ngaphakathi ngemva kwesihlahla.

240 Ngalalela isibhamu ukuba sidubule noma ngamuphi umzuzu, kodwa asizange siqhume, ngalinda, asizange siqhume. Ngaqalaza, futhi kwakuhamba *kanje*, akabange esakwazi ukusibamba. Waqalaza, izinyembezi ezinkulu zehla ezihlathini zakhe, izinwele zakhe ezimnyama, zamaNdiya zawela ebusweni bakhe. Waphosa isibhamu phansi osebeni, wathi, "Billy, sengenele ngakho. Ngiholele kulowo Jesu okhuluma ngaye."

241 Kwakuyini na? Wabona into ethize yangempela. Wabona into ethize eyayingagqokiwe, yokwenziwa. Wabona umbukiso wangempela wobumama ngemva komntwana wakhe, into eyayingokoqobo. O Nkulunkulu, senze sonke sibe yilolohlobo lomKristu.

242 Bangaki phakathi lapha ongathanda ukuba uhlobo lomKristu leyonyamazane eyayingumama na? Inhliziyo yakho, ingozi, noma lutho olunye, bona into enkulu, bona into engeyangempela. Khona-ke uNkulunkulu, o, sengathi izibusiso zaKhe . . .

243 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngamunye wenu enhliziyweni yakho siqu khuleka, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngenze ngibe yilolo hlobo lomKristu," uzithulele nje manje.

244 O Nkulunkulu, Baba wethu, nikeza izinceku zaKho, O Baba, ukuthethelelwa kwesono. Sizwe sisakhala, sibusise manje. Mbula izono zethu ezinhliziyweni zethu, futhi usenze amaKristu angempela. Umusa nesihawu makuvame ezinhliziyweni zethu. Siphe khona, Nkosi.

245 Babona into ethile engeyangempela, futhi base belungele khona-ke. Babona into ethile eyayingakwazi ukwakhiwa, kwakufanele kube yinto ethile engeyangempela, kwakungeyona into eyenziwe. Futhi sinoNkulunkulu, kulobubusuku.

246 Leyondoda iyidikoni ebandleni. Khona lapho kulolosebe lweqhwa, izingalo zakhe zizungeze imilenze yebhulukwe eyiqwa, wathi, "Billy, kufanele kube khona uNkulunkulu ndawondawo." Wathi, "Ngabe ukhona uNkulunkulu ongangenza umKristu, njengoba leyonyamazane idiye ingumama na?"

Ngathi, "Yebo, Bert, iGama laKhe nguJesu. UzoMemukela na?"

Wathi, "Ngenhliziyo yami yonke, Billy, ngiyaMamukela."

247 Ngaguqa eqhweni, ngakhipha igobolondo esibhanyini sakhe, ngamgaxa entanyeni, lapho, sikhuleka kanyekanye, wemukela uJesu njengoMsindisi wakhe. Lokho sekube cishe eminyakeni engamashumi amabili edlule, uyilunga elithembekile loMzimba kaKristu manje, umfowethu omangalisayo.

248 Manje, sisakhuleka, bangaki lapha, ebukhoneni bobuNkulunkulu, namakhanda enu ekhotheme, abangathi, "Ngingathanda ukuba yilolohlobo lomKristu"? Mhlawumbe awuzange umemukele uKristu njengoMsindisi wakho, futhi ubungathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, bengihlala ngifuna ukuba ngumKristu, kodwa empeleni, angikaze ngibone lutho olungangenza nje. . . akukho okufana nalokho, kodwa ngikholwa ngempela ukuthi ukhona uNkulunkulu, futhi ngifuna ukuMemukela njengoMsindisi wami." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham"? UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Omunye? UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. Omunye? UNkulunkulu akubusise, uNkulunkulu akubusise, wena, wena. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, Nenekazi. Abanye. . . Omunye?

249 Manje, ungahle ube yilunga lebandla, angikhulumi ngobulungu. Ngikhuluma nge, nguwe ungumKristu, woqobo, ukufa bekungasho lutho kuwe. Uyamthanda uJesu kangangokuthi Ulungile. . . wena. . . uyaMthanda njengoba umama ethanda ingane yakhe. Futhi uyazi, ukhuluma ngothando Analo ngawe na? Wathi, "Ingabe umama angakhohlwa ingane yakhe esancela na?" Wathi, "Angase, kodwa angikwazi ukukukhohlwa. Amagama enu aqoshwe ezintendeni zezandla zaMi."

250 Manje, indlovukazi yaseningizimu ifika izobona ukuhlakanipha kukaSolomoni. Nangu wayelapha uJesu, emva kwawo wonke lamakhulu eminyaka, wayenza into efanayo. Futhi bona. . . Wathi, "Bona. . . " Uyeza ukuzozwa uSolomoni. Futhi nangu Wayenesiphiwo esifanayo, esikhulu ngokwedlulele kuphela, futhi wethembisa ukuthi, ngalolusuku, bayokwemukela isibonakaliso sokuvuka. Nkulunkulu, senze sibe ngokwangempela. Khuleka manje. UNkulunkulu abe nawe. Khuleka nje, ngokuthulele nje, uthi, "Yiba nomusa, Nkosi, manje sengiyaphenduka ezonweni zami zonke, ngiyakholwa kuYe."

251 UNkulunkulu akubusise, wethemba ukuthi kunjalo. . . ukukholwa kusenhliziyweni yakho. Manje, phakamisani amakhanda enu, nibheke ngapha. Ngingumfowenu, ngize ukuzonitshela iqiniso. UNkulunkulu owapha uSolomoni isiphiwo unguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku. UJesu wama lapho, enguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni, futhi wabonisa abantu.

252 Manje, iBhayibheli liyabikezela ukuthi ngosuku lokugcina, uMoya kaNkulunkulu uyoZibonakalisa ngendlela efanayo,

ngaphambi nje kokufika kweNdodana kaNkulunkulu, kwakuyoba njengoba kwakunjalo eSodoma. Uyakukholwa lokho na? Manje, vumela uNkulunkulu omamukele njengoMsindisi wakho siqu, Mvumele akhulume, kulobubusuku.

253 Bangaki kini bantu lapha ukuthi . . .? Ngizokweqa amakhadi omkhuleko khona ngalesi sikhathi. Bangaki abantu lapha abangenalo ikhadi lomkhuleko, manje, awunalo ikhadi lomkhuleko, futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "ngizokholwa." Kulungile.

254 Manje, bukani ngapha, umzuzwana nje. Ukuba yisihambi kuwe . . . Manje, uma uJesu eme lapha, kulobubusuku, egqoke yona lesudi efanayo Anginika yona, eminyakeni edlule, manje, uma uza kuYe, futhi wathi, "Nkosi, Uzongiphulukisa na?" Ubengeke akwenze, Usevele wakwenza. Uyakukholwa lokho, awunjalo na? "Ngemivimbo yaKhe . . ."

255 Kodwa Wayengafakazisa kuwe ukuthi WayenguKristu. Futhi indlela kuphela obuzokwazi ngayo, hhayi ngendlela Ayegqoke ngayo, hhayi izibazi kuYe, kodwa inkonzo Ayoba nayo, Wayezoba yiZwi. Futhi iBhayibheli lathi, "Izwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, noMahluleli wemicabango yenhliziyo." Ngabe kunjalo na? Manje, bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso, yithi, "Amen."

256 Manje, iBhayibheli lathi uJesu, manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, kuthiwani ngokukholwa kwakho kuMthinta, futhi qaphela futhi ubone . . .? Manje, uma nginjalo . . .

257 Lalelani. Uyakholwa ukuthi Angahlanganisa noma yini nomzenzisi na? UJesu? Qhabo, mnumzane. Uyakholwa ukuthi Ubengazihlanganisa Yena uqobo emangeni na? Hhayi uNkulunkulu wethu. Qhabo. Kodwa uNkulunkulu wethu unesibopho ngeZwi laKhe. Ngabe kunjalo na? Futhi ngokuzithoba, Uvumela lokhu ukuba kwenziwe, hhayi ngoba Efanele, kodwa ukukhombisa abantu ukuthi UnguNkulunkulu futhi uyasigcina isithembiso saKhe, uNkulunkulu.

258 Abanye benu bantu emuva lapho, nina ma-Anglo-Saxon, niyakukholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa, ngaphambi kokuba ngibone noma yini eyenziwayo ngempela, ngiyakukholwa."

Abantu abangamaNdiya, nikholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Phakamisa isandla sakho.

259 Manje, manje, futhi, ngizokucela, wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho. Manje, awunalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, abantu abamhlophe emuva lapho. Kulungile.

260 Manje, ngifuna nikhuleke. Nina bantu emuva lapho, khulekani nithi, "Nkosi Jesu, lowomshumayeli akangazi, kodwa Wena uyangazi." Manje, ungehlisa isandla sakho futhi ukhuleke, futhi uthi, "Nkosi Jesu, uma UngumPristi oMkhulu, Wena ngivumele ngiKuthinte, bese Uyaphenduka," njengowesifazane owathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka futhi wathi, "Ubani Ongithintile na?"

Futhi uPawulu, noma, uPetru wathi, "Nkosi," waMkhuza, "bonke uthinta Wena."

Wathi, "Kodwa ngiyabona ukuthi ngibe buthakathaka." Amandla, amandla okuqina aphuma kuYe.

261 Manje, uma owesifazane oyedwa omncane eMthinta, esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu, uma owesifazane oyedwa omncane eMthinta eMenza abe buthakathaka, kuthiwani ngami, isoni, esisindisiwe ngomusa na? Kodwa Wathini na? "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, niyokwenza engaphezu kwalena. . . " Manje, iKing James ithi, "okukhulu." Kodwa i. . .ekuhumusheni kwelasekuqaleni. . .Akukho okwakungaba kukhulu ngokwedlulele, Waphulukisa abagulayo, Wavusa abafileyo, Wamisa imvelo, Wenze konke. Kodwa "okuningi kunalokhu niyokwenza," kuwo wonke umhlaba, niyabo, "ngoba Ngiya kuBaba."

262 Manje, khulekani. Uyazi ukuthi yini engalungile ngawe, futhi khuleka. Futhi makuthi. . .Uma ungakaze ubone lutho lwenziwa ngempela, futhi Uzovela lapha, kulobubusuku, eBukhoneni baKhe. . .Manje, hhayi mina kanye nokwamui. . . Akunandaba ukuthi nginesiphiwo esingakanani, ufanele ube nokukholwa, futhi, ngoba wukukholwa kwakho okusebenzayo, akumina.

263 Owesifazane, wathinta ingubo yaKhe futhi Waba buthakathaka, lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Kodwa lapho Ephuma endlini kaLazaru, futhi wahamba futhi waba. . .futhi abuye, futhi wavusa umuntu owayesenezinsuku ezine efile, Akazange athi Waba buthakathaka ngaleyonkathi, lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe. Uyakukholwa lokho na? Ngoba Wathi ethuneni, niyazi, "Ngi—ngiyaKubonga, Baba, usevele ungizwile, ngokuba—ngokuba ngishilo." Niyabo? Wathi, "Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise." Yingalesosizathu Engabuyelanga emuva ngenkathi bethumela ukuMbiza. Manje, khulekani.

264 Futhi uma ngiyinceku kaNkulunkulu. . .Manje, uma noma ubani ecabanga ukuthi lokhu kungamanga, yenyukela lapha futhi ukwenze, ake sikubone ukwenza, uma kungamanga. Ngokuthuma ngempela. Manje-ke akusikho, kungokukaNkulunkulu. YiBhayibheli likaNkulunkulu. Manje, kholwani. Futhi kholwani nje manje, nonke. . .

265 Ngingonovalo…Lena imihlangano elandelanayo eyishumi nanye kimi, futhi ngikhandlekile nje. Niyakwazi. Ubusuku nobusuku, busuku bonke, amandla okuqina, amandla, nemini yonke, Uyongithumela ezansi ekhoneni futhi athi, "Yima lapha, kuzoba nomfo ozofika ngesihlalo esinamasondo." Leyo yimibono emikhulu, lena emincane, yini enibangela lena. Yilokho uNkulunkulu akunikezayo, wathi, "Lendoda iyadlula, futhi yenza into *ethile* ngesikhathi *esithile*. Izobe icindezela ngasekhoneni, avele akhulume nayo, ayisukumise esihlalweni, aqhubeke. Makungabikho muntu owaziyo ukuthi ubani okwenzayo." Nikuzwa phezulu lapha emaphepheni, nezinto ezinjalo. Akekho owaziyo ukuthi uyini. Ungithumela ezansi lapho, uthi, "Yenza lokhu." Niyabo? Lowo nguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe. Niyabo?

266 Manje, kwenze. Sebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu bese uthi, "MPristi oMkhulu kaNkulunkulu, ngivumele ngiKuthinte. Futhi Wena sebenzisa uMfowethu Branham ukukhuluma nami, futhi uma nje Uzongitshela ukuthi iyini inkathazo yami, nalokho…lokhu, noma okuthize lokho, enhliziyweni yami, engikukhulekelayo, ngizokholwa ngayo yonke inhliziyo yami." Futhi-ke uzokwazi, uthi, njengenyamazane idiye engumama, njengokuthi…Uzobona into ethize yangempela, njengokwabonwa uBert Call.

267 Manje, lapha. Lapha, Nakhu. NgiyaKubonga, Nkosi. Bhekani *ngapha*. Bangaki abasibonile lesosithombe ephepheni, kulobubusuku na? Niyakubona na? Ingabe ukubonisile lapha na? Kulungile. Niyayazi leyoNsika yoMlilo enayibona ephepheni na? NaNso-ke. Imile khona *lapho*. Iphezu kowesifazane omncane, ohlezi le emuva lapha, ngasemuva, inenekazi elincane. Lifake izibuko, lithi ukuba lincane ngomzimba, lihlushwa ama-aleji.

268 Uyakholwa, Dadewethu? Uphakamise isandla sakho emizuzwini embalwa edlule, ubungenalo ikhadi lomkhuleko. Awunalo…unekhadi lomkhuleko, unalo na? Yima ngezinyawo zakho. Ingabe yilokho ophethwe yikho na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Futhi uma ngiyisihambi kuwe, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Ngifuna ukukubuza okuthize. Njengamanje uzwe umuzwa omnandi ngempela, awunjalo na? Owangempela nje…Ngibheke ngqo kuleyoNsika yoMlilo, izungeza ngqo lowo wesifazane, khona manje. Ukukholwa kwakho kukusindisile. UJesu Kristu, niyabo.

Manje, niyakholwa na?

